



Mdukatshani



Animal Health Promotion Club Book 2



Mdukatshani Animal Health Promotion Club Book 2

ISBN: 978-1-990954-10-8

Contributors to Book 2:

Gugu Mbatha, Senze Mtungwa, Sindi Ngubane, Qina Alcock, Sne Khoza,
Deborah Ewing, Rauri Alcock, Marisia Geraci, Buzi Mtungwa, Siyephi Mbhele

Supported by:

Misereor, GG Alcock and Harry Brunskill Educational and charitable Trust

Special thanks to:

Mhambiseni Mncube, Ngamula Ndlovu, Samkelo Yengwa,
Nompumelelo Ziqubu Bhekile Ndlovu, Bongekile Ndlovu, Sandile Ndlovu,
Sibusiso Ndlovu, Lubanzi Ndlovu, Sandile Ndlovu and Social Ndlovu

Design and layout:

Tangerine Graphic Design



Mdukatshani Animal Health Promotion Club

Book 2





Contents

1. Sibuyele esikoleni, sibuyele emsebenzini/ Back to school, back to work
2. Uhlobo/ Breed
3. Ukwakheka komhlambi/ Herd composition
4. Ukuvimbela ukutheleleka/ Preventing infection
5. Ungatheleleki ezifweni/ Immunity
6. Siyakhula!/ We're growing up!
7. Ukukhuluphala ngokweqile/ Obesity
8. Umsoco nencindezi/ Nutrition and stress
9. Ukwelapha/ Treatment
10. Ukwenza inzuzo eyengeziwe ngomkhiqizo/ Value adding
11. Ukulungiselele ubusika/ Preparations for winter
12. Ukwabelana ngesikwaziyo/ Sharing what we know
13. Ikhovithi iyabulala/ COVID kills
14. Ulale ngokuthula Gogo wethu/ Rest in peace Grandma
15. Ubusika obunzima/ A difficult winter
16. Imvelo ephiile/ A healthy environment
17. Yenza lonke izinyane libaluleke/ Making every kid count
18. Ikusasa kwezolimo/ A future in farming
19. Ukuhweba kwemfuyo/ Commercialization



Sanibona igama lami ngingu Nosipho ngifunda ibanga lesihlanu eNcunjane. Sihlala sonke newele lami uSipho, uBaba, uMama, uAnti, uMalume kanye nendodana yabo uXolani kanye nogogo. Uma ngiqeda isikole ngifuna ukuba umfuyi wemfuyo odayisayo futhi ngibe udokotela wayo imfuyo ngoba ngiyazithandela izilwane nokusebenza ngazo futhi ngiyazi ukuthi ukuba umfuyi iyona ndlela enhle yokuzenzela imali ngendlela othanda ngayo. Okwamanje nginakekela izimbuzi kanye nezinkukhu nomfowethu. Ngibuye ngiyokha amanzi ngiphinde ngilekelele umama kanye no-Anti ngokupheka. Umfowethu unokungicasula kwesinye isikhathi kodwa siyancedisana ukwenza imisebenzi yasendlini, lokho kusigcina sizwana kakhulu.

Sanibona, mina ngingu Sipho ngiya esikoleni kanye no dadewethu uNosipho naye owenza ibanga lesihlanu. Sihlala eduze noMalume kanye noAnti kanye nendodana yabo uXolani. Ngifisa ukuba umpetha womdlali webhola lezinyawo ngelinye ilanga, yingakho ngiziqeqesha njalo ntambama. Ngivalela izimbuzi nsukuzonke ntambama ngiphinde ngiqoqe amaqanda ezinkukhu eziwabeke noma ikuphi. Ngiyayenza neminye imisebenzi engajwayelekile uma abazali bengiyalela ukuthi ngiyenze, ngoba bangabantu abahlezi bematasa kakhulu. UNosipho ubukeka ehlakaniphile ukunami kodwa ngiyazi ukuthi ukuba umfuyi kudinga usebenzise izandla okuyinto angemuhle kuyo.



Ninjani nonke? ngingu mama kaSipho noNosipho umaMkhize. Ngiyenza yonke imisebenzi yasendlini enjengokuphekela umndeni wami kanye nokuhlanza futhi nginakekele izimbuzi kanye nezinkukhu lezi esizifuyile la ekhaya, uma umnyeni wami engekho ngokomsebenzi. Ngiyayithanda engibabona bethanda ngayo ukuba abafuyi abaqotho.

Sanibonani nonke, ngingu gogo ka Nosipho kanye noSipho uMaNgubane ngiyathanda ukufuya nabo. Ngiyathanda ukubona indlela abeza kahle ngayo nokuba abafuyi abaqotho.






Sanibona,
ningumnumzana
Mchunu futhi ngingu
baba ka Sipho
kanye noNosipho
ngisebenza eGoli
kodwa ngiyabuya
ngamaholide ngize
ekhaya eNcunjane. Selokhu safuya
sisengabafanyana nomfowethu sisiza
ubaba sibancanyana silingana nezingane
zami, futhi ngiyazifundisa nezingane
zami ukuthi zizifuyele nazo.

Sanibona, ngingu Xolani futhi
ningumzala ka Sipho noNosipho
futhi nginokusiza uBaba wabo,
ngesinye isikhathi sibuye siyodlala
ibhola no Sipho uma sinesikhathi
esingenzi lutho ngaso.



Ninjani ngingu malume
ka Sipho no Nosipho
futhi ngibuye ngibe
ubaba kaXolani.
Umfowethu ufuna
sifuye ngendlela
ehlukile ukuna
le esiyijwayele futhi
okuyiyona esikhule ngayo. Uthi ukufuya
ngobuhlakani kungasenzela imali
eningi manje sinokubuye sishayisane
ngemibono kodwa sigcina sikwazile
ukusebenza ngendlela okuyiyonayona.

Sanibona igama lami
ninguZanele Duma. Umama ka
Nosipho noSipho u-Anti wami.
Ngiphila nesandulela ngculaza.
U-Anti wami uyanginakekela
njengoba umama washona
ngisanda kuzalwa.
Ngidinga ukuthi
banginakekele
ngoba
ngigula
kakhulu.



Sanibona ngingu
Busisiwe futhi
ningu nompilo
wemfuyo osebenzela
eNcunjane.
Sengisebenze
nomndeni wakwa
Mchunu selokhu
ngaqala ukuba unompilo wemfuyo
kodwa kuningi esikwenza nabo ngoba
bangabantu abayinakekelayo imfuyo
yabo ngakho ayiguli kakhulu.

Ninjani ngingu Sithembiso
umngani omkhulu ka Sipho obaba
bethu bangamalunga eqoqo
lediphu elilodwa. Ngihlezi ngenza
amahlaya ngoSipho
kodwa sihlezi
sizihlekela
futhi sidlala.





**Sibuyele
esikoleni,
sibuyele
emsebenzini**

1



**Back to
school back
to work!**

Abalingisi: Nosipho, Siphso, Baba

Characters: Nosipho, Siphso, Father

'Sanibonani bafundi bebanga lesithupha! Ngiyacabanga ukuthi uma nifunda lokhu senibuyile esikoleni. Ngiyethemba ukuthi nonke nibe namaholide amnandi. USipho nami sibe nesikhathi esimnandi kakhulu nomndeni wethu. Ingxenye ebemnandi kakhulu ukuba khona kukaBaba ekhaya. Ngisho nabadala bakebakhohlwa inkinga zabo okwesikhashana. UBaba wethu uyazihlekisela futhi wenza wonke umuntu ahleke. Besingenaso isiqiniseko sokuthi sizokwazi ukubuyela esikoleni kulonyaka. Niyakhumbula ukuthi uBaba walahlekelwa umsebenzi ngonyaka odlule? Wasitshela ukuthi singakhathazeki futhi wathi unamacebo okulima kodwa izinto zibenzima kakhulu ngaphambi kukaKhisimuzi. UBaba bekufanele akhokhelwe izimali zakhe zesikhathi sonke akasisebenzile kodwa akazange aze ayithole imali yakhe. Kwabe sekugula uZanele futhi kwafanele umama amhambise esibhedlela. uXolani wahamba waya eThekwini ukuyokwenza imisebenzi yangoKhisimuzi kodwa kwaba khona umuntu owantshontsha isikhwama sakhe, sinomholo wakhe, ngesikhathi ehleli elinde itekisi ezekhaya. UBaba noMalume babanenkulu impikiswano ngokuthi kudayiswe inkunzi yethu.'

'Hi there, Grade 6! I guess if you are reading this, you are back at school! I hope you all had a great holiday. Siphso and I had a really happy time with our family. The best part was having our dad home. Even the grownups forgot about their problems for a while. Our dad is quite a joker and he kept everyone laughing. We were not sure we would be able to come back to school this year. Do you remember our dad lost his job last year? He told us not to worry and said he had plans to farm but things became tough even before Christmas. Dad was supposed to be paid out for all the time he had worked but he did not get his money. Then Zanele was sick and Mom had to take her to hospital. Xolani went to Durban to do a holiday job but someone stole his bag, with his wages in it, when he was waiting for the taxi to come home. Then Dad and Uncle had a big argument about selling our bull.'





'Yeyi! Nosipho, Ngangicabanga ukuthi uMalume uzoyiyekela leyondaba! Wayekhononda ngokuthi uBaba wamushiya ukuthi anakekele izinkomo yonke leminyaka futhi manje usebuya usefuna ukuhliphiza umsebenzi wakhe omuhle.'

'Woo Sipho, ngangizitshela ukuthi konke lokhu kuzokona lonke iholide lethu kodwa uBaba wakwazi ukushintsha wonke umuntu ngecebo lakhe.'

'Yebo, uMalume wayekhohlelwa ukuthi ukudayisa noma iluphi uhlobo lwemfuyo kuyiphutha futhi umangabe unezilwane uyisigwili, noma ngabe awunakho ukudla.'

'Uyazi sonke lesikhathi uBaba kade ethumela imali yokudla, uMalume ubehlala elangeni futhi ancome izinkomo!'

'Haha, kodwa Sipho, noGogo ubekhathazekile ngalelicebo likaBaba.'

'Kodwa liye lakukhombisa ukuthi liwumbono omuhle. Ukudayisa inkunzi kulethe imali eyanele yokudla futhi nokuthi uBaba akwazi ukuthenga amanye amathuluzi nezimbewu. UBaba uye wakwazi ukubeka imali yokuthi asithengele umfaniswano wesikole kanye nezincwadi. Manje kufanele senze isiqiniseko sokuthi icebo likaBaba liyaphumelela. Buka, nanguya uBaba!'

'Hey Nosipho, I thought Uncle was going to leave over that one! He complained that Dad left him to look after the cattle all year and then came back to mess up all his good work.'

'Oh, Sipho, I thought it was going to spoil the whole holiday, but Dad convinced everyone about his plan.'

'Yes, Uncle believes that selling any livestock is wrong and that if you have animals you are rich, even if you have no food.'

'Well all the time that Dad was sending money home for food, Uncle could sit in the sun and admire the cattle!'

'Haha, however Sipho, even Grandma was worried about Dad's plan.'

'Well, it turned out to be a great idea. Selling the bull brought enough money for food and for Dad to buy some tools and seed. Dad even saved money for our uniforms and stationery. Now we have to make sure the farming plan is a success. Look, there's Dad!'

'Sanibonani bantwana, bekunjani esikoleni?'

'Sawubona, Baba. Bekukuhle. Uthisha wethu omusha akuve enobubele. Akanayo ngisho induku!'

'Belunjani usuku lwakho, Baba?'

'Ngibuya emzini kaBaba uZondi. Niyakhumbula, wathenga inkunzi? Emveni kokuba eseyihlabile, akazange asidayise isikhumba-indodana yakhe ibilokhu ifundela ukushuka izikhumba. Ubengixoxela ukuthi ungayenyusa kanjani intengo yesikhumba futhi ukhande izinto ezahlukene ukuthi uzidayise uma nje ukwazi ukushuka isikhumba. Ngizobuyela khona kusasa ukuyothola ulwazi olwengeziwe. Manje, asambeni siye ekhaya ukuze nizokwazi ukwenza imisebenzi yasekhaya neyesikole ngaphambi kokuthi kubemnyama.'

'Asinawo umsebenzi esinikezwe wona esikoleni namhlanje Baba.'

'Shh! Nosipho, sesizonikezwa imisebenzi emningi okumele siyenze yasekhaya!'

'Hello children, how was school?'

'Hello, Dad. It was fine. Our new teacher is very nice. She doesn't even have a stick!'

'How was your day, Dad?'

'I have just come from Baba Zondi's place. Remember, he bought the bull? Well, after he slaughtered it, he didn't sell the hide - his son has been learning how to tan. He was telling me how you can increase the value of the hide and make all sorts of things to sell if you can tan leather. I'm going back tomorrow to find out more. Now, let's go home so that you can do your chores and homework before it gets dark.'

'There's no homework today, Dad.'

'Shh! Nosipho, we'll get more chores to do!'



Ingxoxo

1. Yini obuyenza ngamaholidi akho?
2. Yini ongayenza ukusiza imfuyo yakho ekhaya?
3. Ikuphi ukuhle nokubi ngokudayisa imfuyo yakho?
4. Yini oyilangazelela kakhulu ngaloluhlelo?





Uhlobo

2



Breed

Abalingisi: **Nosipho, Sipho**

Characters: **Nosipho, Sipho**

'Sanibonani bangani bethu. Niyakhumbula ukuthi ngonyaka odlule safunda izinto ezinhlanu ezibalulekile ekuphatheni umhlambi? Namhlanje sizokwabelana nani ngesikufundile ngokukwazi ukukhetha uhlobo olukwazi ukumelana nezimo zendawo.siphinde safunda ngokugcina umhlambi oxubeke kahle ngokwanele ukuthi ukukhiqizele.'

'Yebo Nosipho kwakuyisifundo esibalulekile kakhulu kumina. Bengingazi ukuthi kunezinhlobo ezahlukene zezimbuzi futhi zonke ezinobuhle nobubi bazo. Manje sengiyazi ukuthi kunemindeni emithathu ebalulekile yohlobo: imbuzi yesintu, ezobisi kanye nezenyama.'

'Hello, our friends. Do you remember last year we learnt about five important livestock interventions? Today we are going to share with you what we have learnt about choosing a breed that is resistant to local conditions. We also learnt about maintaining the right herd composition for maximum production.'

'This was a very important lesson for me, Nosipho. I didn't know that that there were different breeds of goats that all have their own advantages and disadvantages. Now I know that there are three main breeds: an indigenous breed, a dairy breed and a meat breed.'



'Uqinisile Sipho. Eyi nami ngakuthokozela ukufunda ngalezinhlobo. Kwashintsha ukucabanga kwami ngoba bengifuna ukukhula ngibe umlimi futhi kwakuyiphupho lami ukufuya izimbuzi zenyama njengamaGamanxa, Savana neKalahari Reds. Bengingazi ukuthi ziyazwela kakhulu ezifweni futhi ngeke zikwazi ukuphila ezimweni ezinzima. Lokhu kusho ukuthi ngangizochitha imali eningi ngohlobo olungesilo, lokho okwakuzoba nomphumela ongemuhle kwinzuzo yami.'

'Dadewethu angizange ngicabange ukuthi uqinisile uma uthi ufuna ukuba udokotela wezilwane futhi ufuna ukuba nepulazi lakho lezimbuzi kodwa manje sengiyabona ukuthi uzimisele kangakanani. Nami bengifuna ukuba nepulazi lokukhiqiza ubisi la engingakwazi ukuzenzela khona amasi, ushizi kanye neyogathi ngoba uyazi ukuthi ngizithanda kangakanani lezozinto. Kodwa loluqeqesho esaluthola luwushintshe ngempela umqondo wami ngoba ukunakekela izinhlobo zobisi kunzima ngaphezu kokunakelela umtwana.'


'You are right, Sipho. I really enjoyed learning about these breeds. It changed my view because I wanted to grow up and become a farmer and it was my dream to have meat breeds like Boer goats, Savannah goats and Kalahari Reds. I didn't know that they were susceptible to diseases and that they can't survive in harsh conditions. This means that I was going to spend a lot of money on the wrong breed which was going to affect my profit.'

'My sister, I didn't take you seriously when you said you wanted to be a veterinarian and have your own goat farm but now, I can see how serious you are. I also wanted to have a dairy breed of my own where I could make maas, cheese and yoghurt because you know how much I love those things. But that training we had has changed my mind because maintaining those dairy breeds is even more difficult than caring for a child.'




'Ngiyavumelana ngokuphelele nawe mfowethu ngizofuya ezesintu kuphela. Sipho ngifunde ulwazi oluningi olusemqoka ngokuphathwa kwezimbuzi zesintu, into enhle ngezimbuzi zesintu ukuthi ziyakwazi ukubambelela kalula ezindaweni ezinesimo esinzima, zona azingenwa kalula izifo futhi ziyakwazi ukuphuma ziyozifunela ukudla ngakho awudingi ukuchitha imali eningi ngokuphakela, udinga nje ukwengezelela ngomsoco ngezikhathi ezithile zonyaka. Azifani nezinye izinhlobo ezidinga ukuphakelwa emadlelweni unyaka wonke.'

'I totally agree with you, my brother. I will only farm with indigenous goats. Sipho, I also learnt a lot of basic information on indigenous breeds. The good thing about indigenous breeds is that they adapt easily to harsh environments, they are less susceptible to diseases, and they go out and browse so you do not need to spend a lot of money on feed. You only need to give them more food during certain times over the year. Unlike other breeds that need to be kept all year round in feedlots.'



Ingxoxo


1. Buyini ubuhle nobubi ngokufuya uhlobo okungesilo olomdabu??
2. Ibuphi ubuhle nobubi bohlobo lembuzi zesintu?
3. Ngabe abantu bazithengela ukwenzani izimbuzi?





**Ukwakheka
komhlambi**

3



**Herd
composition**

Abalingisi: Nosipho, Siph

'Sanibonani, yimina Usipho noNosipho, uyakhumbula ngesonto eledlule sasikhuluma ngezinhlobo zezimbuzi ezahlukene.'

'Uqinisile dadewethu, kwakuyisihloko esimnandi kakhulu.'

'Sipho uyazi bengingazi ukuthi isikhathi sokukhulelwa kwezimbuzi izinsuku eziwu 150 lokhu okulinganiselwa ezinyangeni ezinhlanu. Futhi bekubalulekile ukuthi ngazi iphila isikhathi esingakanani imbuzi, iphila iminyaka engu 11 kuya kwengu-12 emveni kwalokho ayibe isakwazi ukukukhiqizela. Kodwa enye into ebaluleke kakhulu engayifunda eyokuthi impongo ikwazi ukuhlala nezinsikazi ezingaki, udinga impongo eyodwa njalo ngezinsikazi eziwu 20. Enye into engiyibona ingihlaba umxhelwe ukuthi izinsikazi zingakwazi ukukukhiqizela uma sezingaphezulu kwezinyanga eziwu 9.'

Characters: Nosipho, Siph

'Hi, it's S'ipho and Nosipho, do you remember last week when we were talking about different goat breeds?'

'Yes I remember, my sister, it was a very interesting topic.'

'Sipho, I didn't know that the length of the pregnancy is 150 days which is approximately 5 months. It was also important to know the lifespan of a goat which is between 11 and 12 years and after that it is not productive. But the most important thing that I learnt was the ratio of rams for ewes. You need to have 1 ram per every 20 ewes. I also found it interesting that ewes can only start breeding when they are older than 9 months.'





'Nosipho njengoba lelibhizinisi lokufuya lisemqoka kangaka kuwena kufanele ucabange ukuthi uzokwenza kanjani ukwakheka komhlambi wakho kuhlale kusesimweni. Awufuni ukuthi ugcine usunjengomalume, bheka nje ukuthi unemitheno engakanani esibayeni? Unemitheno elinganiselwa ku 50 futhi akafuni ukudayisa neyodwa kuzona. Bengibala izimbuzi zasekhaya ngelinye ilanga ngathola ukuthi kunezinsikazi ezincane zokukhiqiza eziwu20, kube khona eziwu 30 ezingasakwazi ukukhiqiza, kanye nempongo eyodwa.'

'Sipho inkinga ngoMalume wethu ukuthi akalaleli muntu kuyena isithunzi sakhe sihlezi sibalulekile uma uqhathanisa nokwenza imali engenayo. Ngakho, kucacile ukuthi isizathu sakhe sokufuya asinayo inhloso yebhizinisi. Lezinsikazi eziwu 20 kuphela emndenini ezikaBaba futhi uhlezi ezidayisa lezinsikazi ezingasakhiqizi kanye nemitheno. UMalume uba nomona uma ebona uBaba ethenga izinto, uyakhumbula ngesikhathi ebone uBaba ethenge ithange lamanzi akazange aze amkhulumise insuku ezimbili.'

'Nosipho, since you take this goat farming seriously, you also need to think about how you are going to maintain your herd composition. You don't want to be like our uncle. You see how many castrates he has in his kraal? He has about 50 and he does not want to sell any of them. I was counting our goats the other day and we only have 20 young productive ewes, about 30 old non-productive ewes, and only 1 ram.'

'Sipho, the problem with Uncle is that he doesn't listen to anyone and for him his status is more important to him than making an income. So, it is clear that his reason for farming is not money making. The only young 20 ewes that we have in the family are for our dad and he is always selling non-productive ewes and castrates. Uncle gets very jealous when he sees Dad buying things. Remember when he saw Dad buying a water tank and he didn't speak to Dad for 2 days?'

'Yeyi, Nosipho kwesinye isikhathi kunzima kabi ukuguqula umqondo kamalume umenze aqonde ukuthi indlela akafuya ngayo ayikho kahle futhi ayinayo inzuzo. Ukudayisa imitheno iyonandlela yokuqinisekisa ukuthi unemali eyanele engenayo ezokwazi ukuyisebenzisa ukondla izimbuzi ezikhiqizayo ngesikhathi sasebusika. Futhi akadingi ukuthi aze asebenzise imali eningi ephuma ekhukhwini lakhe ukuthenga imithi, lemali kufanele ngasosonke isikhathi iqhamuke ekudayisweni kwemitheno. Siyamazi uMalume kwesinye isikhathi kunzima ukumguqula indlela acabanga ngayo ukwenza noma yini, kodwa kufanele sihleze sizama ukumsiza ukuthi akwazi ukufuya ngendlela futhi sihleze simxoxela ngezinto esifunda kwiklabhu. Khumbula ngoDisemba waze wakuklomelisa ngenkukhu ngokwenza kahle umsebenzi wakho.'

'Sipho sekufanele ngihambe manje ngiyosiza umama ekhishini. Sizobonana ngeviki elizayo!'

'Yeah, Nosipho, sometimes it is hard to convince our uncle to understand that the way he is farming is not correct and profitable. Selling castrates is the only way to make sure that he can have enough income to invest in his productive goats in winter. He also does not need to use his own money to buy medicine. That money must come from the money he makes selling those castrates. We know that it is very hard to tell Uncle to do anything, but we must always try to get him to farm smarter and carry on letting him know about the things we learn in the club. Remember in December he even gave you a chicken for your job well done?'

'Sipho, I need to go and help my mother in the kitchen now. See you next week friends!'




Ingxoxo

1. Kubaluleke ngani ukugcina umhlambi wakho wakheke kahle?
2. Iziphi izimbuzi emhlabeni owakho okufanele uzidayise nokungafanele ozidayise?
3. Uzikhetha kanjani ezezinduna ozozithena futhi uzithena zingakanani ubudala?


IMPONGO




25 IZIMBUZIKAZI



15 IZINTSIKAZI



15 IZINDUNA





Ukuvimbela
ukutheleleka

4



Preventing
infection

Abalingisi: **Nosipho**, **Sipho**

Characters: **Nosipho**, **Sipho**

'Sanibona futhi. UNosipho noSipho futhi. Sijabule kakhulu namhlanje ukunioxela ukuthi sigome zonke izimbuzi sizigomela isifo sezinso. Kufanele ngabe sakwenza phambilini kodwa besingaqondi ukuthi uma ngabe ushintsha ukudla kwelwane kufanele uqinisekise ukuthi zisigomele isifo sezinso.'

'Heyi Nosipho, uGogo uyayinaka kakhulu lemihlangano ngoba konke lokhu wakufunda emhlanganweni owawenziwa uBusisiwe.'

'Yebo Sipho, ngiyakhumbula ngesikhathi ugogo esioxela sihlezi eduze kweziko, wathi ukugoma kubaluleke kakhulu uma uphakela izilwane zakho.'


'Kodwa Nosipho kungani kufanele sikwenze manje? Ngicabanga ukuthi sengike ngakubona lokhu ngesikhathi izimbuzi zikaBaba zikhombisa ukudlikiza zikhubazeke futhi zibukeke zingesenampilo. Lezombuzi ezintathu zafa.'

'Hello again. It's Nosipho and Sipho here. We are very happy to tell you that we have vaccinated all our goats for pulpy kidney. We should have done it before but we didn't know that if your animals change diet, you need to make sure that they are vaccinated against pulpy kidney.'

'Hey Nosipho, Grandma takes meetings very seriously because she learnt this from the meeting that we had with Busisiwe.'

'Yes Sipho, I remember when Gogo was telling us and we were around the fireplace, she said this vaccination is very important if you are feeding your animals.'

'But Nosipho, why would we only be doing it now? I think I have seen this when Dad's goats started getting seizures and became paralyzed and lifeless. Three of those goats died.'





'Sipho ngesikhathi sasehlobo asikho isidingo esingako sokuphakela izilwane zakho kunokudla okwanele edlelweni ezingakwazi ukuphila ngakho. Ehlobo zidla amaqabunga ehlahla kanye notshani lokhu kusuke kuluhlaza futhi kunomsoco. Ngaleyondlela ziyakwazi ukuthola yonke imisoco esuke ziyidinga.'

'Uqinisile Nosipho, ehlobo yonke into iyacwebezela futhi inhle kodwa manje njengoba kuyisebusika yonke into ibukeka ibunile futhi komile. Izilwane zikujwayele lokhu kuhlukahlukana kwezikhathi zonyaka. Kodwa awuzange uze uwuphendule umbuzo wami. Ungitshale nje yonke into engivele engiyaziyo.'

'Sipho, during summer we don't have to feed our animals because there is enough food from the vegetation for them to survive. In summer the tree branches and grass are green and nutritious. So they are able to have the balanced diet that they require.'

'Nosipho you're right, in summer everything is lush and beautiful but now that it is winter everything looks deserted and dry. Aren't animals used to these different seasons? But you still have not answered my question. You've only told me everything that I already know.'

'Sipho, awusoze waqonda, isizathu sigomela isifo sezinso ebusika ingoba uBaba uthenge ukudla okuningi ukuphakela izimbuzi ukwengezelela umsoco ebusika. Lokhu kwenzeka uma ngabe zishintshela ekudleni okunomsoco owengeziwe ekudleni kwazo kwenza ukuthi zidle kakhulu ngaphezu kokufanele lokhu kubanga izinkinga zezinso futhi akwelapheki.'

'Yebo, kwakuyiyona, uBaba wazama yonke inhlobo yokwelapha kodwa alikho ikhambi dadewethu.'

'Sipho kunento eyodwa, okufanele engabe sayifunda kulesisehlo ukuthi ukugoma izilwane zakho kubalulekile. Kushibhile ukugoma uma uqhathanisa nokwelapha ngoba ukwelapha kukwazi ukusindisa ingxenye nje yemfuyo.'

'Yebo Nosipho ithi ngihambe ngiyolanda izimbuzi manje. Angifuni ukuphuthelwa ukuqeqeshelwa ibhola egrawundini ntambama.'

'Sipho, you don't understand, the reason we are vaccinating for pulpy kidney in winter is because Dad has bought a lot of feed that he will use to supplement goats in winter. It happens when they suddenly improve the nutrition in their diet causing them to eat much more than they should which leads to kidney problems and it is impossible to treat pulpy kidney.'

'Yes, that was it, Dad tried all sorts of treatment but there is no cure, my sister.'

'Sipho, this has taught us that vaccinating your animals is very important. It is cheaper to vaccinate compared to treatment because treatment only saves some of the animals.'

'OK, Nosipho, let me go fetch the goats now. I don't want to miss soccer practice later.'



Ingxoxo

1. Kusebenza kanjani ukugoma?
2. Isiphi isikhathi esikahle sokugoma futhi kulekelela kanjani?
3. Yini ebangela isifo sezinso futhi uyini umthelela walokho?





Ungatheleleki
ezifweni

5



Immunity

Abalingisi: **Nosipho**, **Sipho**, **Zanele**,
Sthembiso

Abalingisi: **Nosipho**, **Sipho**, **Zanele**,
Sthembiso

'Nosipho, ngabe kuyini lokhu?'

'Uhlobo lwesidleke senkukhu engisakhile, Sipho.'

'Akubukeki njengesidleke senkukhu-kubukeka
njengendlu yangasese Nosipho!'

'Uwena kuphela ongacabanga lokho, Sipho. La
ilakuhlala khona inkukhu, futhi lembobo ila ingena
khona ngaphakathi. Isivalo siyakwazi ukuphuma
ukuze ukwazi ukuyihlanza uyakwazi ukuyishayela
egayeni lesihlahla ukuze izinyoka zingakwazi
ukungena zithole amaqanda namatswele.'

'Noma kunjalo isabukeka njengendlu yangasese!'

'Okusho ukuthi wena awusidingi, uma kunjalo
Sipho?'

'Angizange ngisho kunjalo dadewethu. Uma
sisebenza, ungangakhela nami esisodwa.'

'Ngizobona mfowethu. Aybo bheka! Yini le uZanele
ayinikeza imbuzi?'

'Ha ha, kubukeka njengopholoni! Zanele wenzani?'

'Ngiphakela imbuzi.'

'Kodwa Zanele, izimbuzi aziyidli inyama, zidla
izitshalo, zidla utshani kuphela namaqabunga.
Zanele nawe akufanele uwudle upholoni. Umama
uthe kufanele udle ukudla okunempilo. Nanti
i-aphula.'

'Nosipho, what is that?'

'It's a new type of chicken nest I have designed,
Sipho.'

'It doesn't look like a chicken nest - it looks more
like a toilet!'

'Only you would think of that, Sipho. This is where
the hen sits, and this hole is where it goes inside.
The lid comes off so you can clean it and you can fix
it to the branch of a tree with this, so that snakes
won't get the eggs and chicks.'

'Well, it still looks like a toilet, Nosipho!'

'You don't want one then, Sipho?'

'I didn't say that. If it works, please make me one,
Nosipho.'

'Maybe. Hey, look! What is Zanele giving her goat?'

'Ha ha, it looks like polony! Zanele, what are you
doing?'

'Feeding a goat.'

'But Zanele, goats don't eat meat. They are
herbivores, they only eat shoots and leaves. Zanele
shouldn't eat polony either. Mom said you must
have healthy food. Here's an apple.'





'Angilambile Nosipho. Isisu sami sibuhlungu.'

'Sipho, bheka! uZanele uyajuluka. Ngcono ngimhambise kumama.'

'Kulungile Nosipho. Kahle hle, nembuzi nayo ayibukeki isesimweni esikahle. Bheka indlela egxumagxuma ngayo. Asithembe ayinawo umqhaqhazelo.'

'Angicabangi ukuthi umqhaqhazelo, Sipho. Zonke izimbuzi ezizalelwe kulendawo kufanele engabe ziyakwazi ukuzivikela. Ubengakazidiphi ezincane, usuzidiphile?'

'Cha Nosipho.' UBusisiwe wasitshela ngesikhathi kunoqueqesho.'

'Sipho ingabe wakuqinisekisa ukuthi wonke amazinyane azelwe aphuza isithubi ngesikhathi eqeda kuzalwa?'

'Yebo, kodwa kungani kubalulekile, Nosipho?'

'Sipho isithubi sinezakhamzimba nezivikelimzimba ezikhanda amasosha okuvikela umzimba. Uma ngabe izinyane lisencane lithola ukulunywa ikhizane elithelekile ngomqhaqhazelo lokho kuba njengomgomo. Lokhu kulekelela ukuthi umzimba ukwazi ukulwa ngokutheleleka ngezifo. Oh mhlobo, uZanele uyaqhaqhazela manje. Nizomngenisa ngaphakathi.'

'Kulungile. Aybo, nangu uSthembiso esangweni, engabe ufunani. Sawubona Sthembiso!'

'I am not hungry, Nosipho. My tummy is sore.'

'Sipho, look! Zanele is sweating. I had better take her in to Mom.'

'OK, Nosipho. In fact, the goat doesn't look well either. Look at the way it is jumping around. I hope it doesn't have heartwater.'

'I don't think it's heartwater, Sipho. All our goats were born in this area so they should be immune. You haven't dipped the young ones, have you?'

'No Nosipho, Busisiwe told us not to in the training.'

'Sipho, did you make sure that all the newborn kids drank colostrum when they were born?'

'Yes, but why is that important, Nosipho?'

'Sipho, the colostrum contains protein and antibodies that build up immunity. Then if a young kid gets a few bites from infected ticks it is like a vaccine. It makes the goat's immune system fight off the infection. Oh dear, Zanele is shivering now. I'll take her in.'

'All right. Oh, no, there is Sithembiso at the gate, I wonder what he wants. Hey, Sithembiso!'

'Yebo Sipho, ubaba ungithume ukuthi ngilethe ucingo oludingwa ubaba wakho ukuze akwazi ukuqedela ukubiya.'

'Kulungile, siyabonga, ungalungenisa ngaphakathi.'

'Nakhu. Manje, Sipho, ubani leyontombazane enhle?'

'Muphi yena? Akuyona intombazane leya, udadewethu!'

'Kulungile Sipho, vele usewumfana omncane. Awusho ke uyanini esibhedlela ukuyosoka ukuze nawe ube yindoda?'

'Khohlwa Sthembiso. Ngizomtshela ubaba ukuthi ubulethe ucingo. Nginomsebenzi okufanele ngiwenze.'

'Kulungile, sengiyahamba. Tshela udadewenu ukuthi ngiyambingelela.'

'Hey Sipho, my dad sent me with the wire your dad needed to finish the fence.'

'OK, thanks, you can bring it in.'

'Here you are. So, Sipho, who is that pretty girl?'

'Which one? That's not a girl, that's my sister!'

'OK Sipho, I forgot you are still a small boy. By the way, when are you off to hospital to get circumcised so you can be a man?'

'Just forget it, Sthembiso. I'll tell my dad you brought the wire. I have work to do.'

'OK, I'm going. Tell your sister I said hello.'




Ingxoxo

1. Kungani kufanele ugcine isidleke sezinkukhu kanye nesibaya kuhlazanzekile?
2. Yiziphi izinto okungamele zidliwe imbuzi?
3. Yini eyenza ukuthi u-polony ube ukudla okungenayo impilo?





6



Abalingisi: Siphso, Baba, Nosiphso, Mama

'Sanibona bangani, besikhuluma nabazali bethu ngokuthi imizimba yethu ishintsha kanjani. Sike safunda ngokuthomba kwisifundo seLife Orientation kodwa noma kunjalo sisenemibuzo esinamahloni okuyibuza uthisha wethu.'

'Siphso ngisaya kokhuluma noMama masishane ngesikhathi esawasha.'

'Kulungile Nosiphso awuthi ngihambe ngiyobheka uBaba....sawubona baba umatasa ngani njengamanje?'

'Sawubona Siphso, ngisazongena esibayeni ngiyosenga inkomazi. Ungathanda ukuza uzongisiza?'

'Yebo Baba ingoba ngifisa ukuzoxoxa nawe into ebalulekile ngesikhathi sisenga.'

'Kwazwakala kuyinto ebalulekile, yini engingakusiza ngayo?'

'Baba ngikhathazekile ngendaba yokuyosoka, ingabe kuyinto embi ukuthi angikakayenzi namanje? USithembiso ubehlekisa ngami ethi angikabi yiyona indoda okwamanje.'

Abalingisi: Siphso, Baba, Nosiphso, Mama

'Hi friends. We have been talking to our parents about how our bodies are changing. We know about puberty from life orientation but we still had some questions that we were too shy to ask our teacher.'

'Siphso, I am going to chat to Mom while she does the laundry quickly.'

'Alright, Nosiphso. I will go check in on Dad...Hello Dad. What are you busy with right now?'



'Good morning, Siphso. I am about to go milk the cows. Would you like to come and help me?'

'Yes, Dad, because I would like to discuss something important with you while we are milking.'

'That sounds serious, what can I help you with?'

'Dad, I'm feeling quite scared about my circumcision. Is it weird to have not done it yet? Sithembiso was mocking me by saying that I am not a man yet.'





'Cha Sipho lokhu akuhlangene nokuthi ube yindoda, kunezinye izinzuzo ngaphandle.'

'Kulungile iziphi pho ezinye inzuzo? Ngoba ngingakwenza uma kuwukuthi kungaphezulu kokuba yindoda.'

'Uyabona ndodana umvuzo omkhulu ukuthi unamathuba amancane okungenwa izifo zocansi ezithathelanayo lokhu kuhlenganisa igciwane lesandulela ngculazi okuyisonasifo esijweyekile eMzansi Afrika.'

'Baba sengijabule manje senginento engizokwazi ukuphendula uSithembiso ngayo ngoba angifani naye mina sengiyazi ukuthi lokhu akumayelana nokuba yindoda kodwa kuyindlela yokuzivikela ngokwempilo.'

'Ndodana lokhu akuchazi ukuthi ngeke ulithole igciwane lesandulela ngculaza okanye akusho ukuthi kufanele uhambe wenza ucansi olungavikelekile, uma ngabe sekufika isikhathi la khona uya ocansini qikelela ukuthi usebenzisa ijazi lomkhwenyana.'

'No, Sipho. This has nothing to do with becoming a man, there are many other benefits.'

'OK, what are the benefits then? Maybe I will do it if its more than just becoming a man.'

'Well, son, the main benefit is that you have less risk of getting sexually transmitted diseases including HIV which is a very common disease in South Africa.'

'Dad, I am so happy now there is something that I can get back at Sithembiso with because unlike him I now know that it is not something about but a health measure to be taken.'

'Son, this does not mean that you will not get HIV or that you must now go have unprotected sex, when you eventually do have sex, make sure that is with a condom.'

'Sawubona mama ngingakulekelela lapho? Ngifisa ukuxoxa nawe ngodaba olubalulekile uma ungenankinga?'

'Yebo Nosipho ungayakaza izimpahla kuleliyacele. Ngingakusiza ngani ndodakazi?'

'Bengikhuluma nomunye wabangani bami esikoleni uthe useqalile ukuya ezinsukwini okokuqala ngeviki eledlule futhi lokhu kungenzeka nakimi noma inini. Manje ngikhathazekile ngoba angazi ukuthi kofanele ngenzeni uma kwenzeka kimi, ingabe uqinisile kulokhu ekade ekusho Mama?'

'Yebo Nosipho kungenzeka noma inini, Bengilokhu ngithi ngizoxoxa ngakho nawe. Ukhuluma iqiniso uma ethi kungenzeka noma inini nakuwena. Kufanele ungethuki uma sekwenzeka kuwena, futhi kufanele ungazise ukuze ngizokwazi ukukunikeza amaphedi futhi ngizokukhombisa nokuthi asebenza kanjani.'

'Yebo sekukhanda umqondo ke manje, kodwa ngempela kusho ukuthini ukuqala ukuya ezinsukwini, ingabe lokhu kuzoshintsha impilo yami ndlela thile?'

'Yebo ndodakazi, manje kusho ukuthi umangabe uya ocansini olungavikelekile ungakhulelwa. Kodwa ke nje ukuya ocansini olungavikelekile akuwona umqondo omuhle ngoba ungathola izifo ezithathelanayo.'

'Kulungile Mama ngiyabonga kakhulu lokhu kungisizile. Wothi ngihambe ngiyoneka lezimpahla ezimanzi ngaphambi kokuthi kubemnyama. Ngilambile futhi manje.'

'Nosipho uhlezi ulambile, qinisekisa ukuthi awugcini usukhuluphala ngokweqile!'

'Hi, Mom. Can I help you out over there? I would just like to chat to you about something if that is OK?'

'Yes Nosipho, you rinse the clothes on that side. What can I help you with my daughter?'

'I was talking to one of my friends at school who said that she had her first period last week and that it could happen to me anytime. Now I am worried because I don't know what to do if it happens to me. Is she true in what she is saying, Mom?'

'Yes, Nosipho it could happen anytime. I have been meaning to discuss this with you. She is true in saying that it could happen at any time to you. You just need to not panic when it eventually does happen and let me know so that I can give you some sanitary pads that I will also show you how to use.'

'OK that makes sense now. But what does having my period really mean, will it change my life in some way?'

'Yes daughter, it now means that if you have unprotected sex, you could get pregnant. Having unprotected sex anyways is not a good idea because you could get a sexually transmitted disease.'

'OK, Mom. Thank you a lot that really helped me. I am just going to go and hang up this washing now before it gets dark. I am so hungry now.'

'Nosipho you are always so hungry, make sure you don't put on too much weight!'



Ingxoxo


1. Ukusoka kwenzani futhi kusiza abesilisa ukuthi bengatholi ini?
2. Ukungayi esikathi kuchaza ukuthi usukhulelwa?
3. Kungani kubalulekile ukugqoka ijazi omkhwenyana noma usuwasoka?





Ukukhulu- phala ngokweqile

7



Obesity

Abalingisi: **Nosipho, Siph**

Characters: **Nosipho, Siph**

'Sanibonani nonke. UNosipho noSipho futhi. Sibenempelasonto ematasa kakhulu. Besilekelela ukukhipha umquba ezibayeni zombili. UGogo ubejabule kakhulu, uze wasihlabela izikhukhukazi ezikhuluphele wasenzela namadombolo. Wonke umuntu ubejabule kakhulu. Ugogo ungumpheki ohamba phambili.'

'Ha Siph! uGogo ubengapheki yedwa. Singazikhohlwa kanjani izitshalo ebeziphekwe umawethu? Ngifunde okuningi ngendlela umama akapheka ngayo. Ngiyayithanda indlela abilisa ngayo izitshalo. Akazipheki zize zivuthwe kakhulu futhi akajwayele ukusebenzisa amafutha umangabe elungisa ukudla.'

'Nosipho angiqondi ukuthi yini indaba umama engakuthandi ukudla okunamafutha? Kumnandi, kakhulukazi amagwinya, amaqanda athosiwe afakwe i-aromat, i-atchar kanye namashibusi amazambane. Uyazi dadewethu ngingawadla zonke insuku ukuba kuya ngami.'

'Hi everyone. It's Nosipho and Siph again. We had a very busy weekend. We were helping to remove manure in both kraals. Grandma was very happy. She slaughtered two fat hens and made dumplings for us. Everyone was very happy. Our grandma is a great cook.'

'Ha Siph! Grandma was not cooking alone. How can we forget vegetables that were prepared by our mom? I have learned a lot from my mom's cooking style. I like the way she boils her vegetables. She doesn't over cook them and hardly use cooking oil when she is preparing meals.'

'Nosipho, I don't understand why Mother doesn't like oily food? It's very delicious, especially vetkoek, fried eggs with aromat, atchar and potato chips. You know, my sister, I would eat this everyday if it was up to me.'





'Cha, Sipho! Ukudla okungenamsoco akuyilungele imizimba yethu. Ukudla ukudla okungekho ezingeni elikahle kuhambisana nobungozi obukhulu bokukhuluphala ngokweqile, ingcindezi, izinkinga zokuthi isisu sakho sikwazi ukugaya ukudla, isifo senhliziyo, uhlobo lwesibili lwesifo sikashukela, ikhensa kanye nokufa masishane. Angicabangi ukuthi ufuna ukubhekana nazozonke lezingqinamba umangabe ukhula. Bengicabanga ukuthi iphupho lakho ukuba umdlali webhola ophambili, oyokwaziwa umhlaba wonke." Uzolifeza kanjani iphupho lakho umangabe ungawunakekeli umzimba wakho nokudla okudlayo?'

'Eish Nosipho ngiyabonga kakhulu ngalesisifundo esibaluleke kangaka. Uhleze ungimangaza njalo Nosipho, uluthathaphi kodwa lolulwazi olungaka? Okungenani ngingawadla amaswidi, ushukela namasneksi. Awuzange ukubale lokhu.'

'Sipho zonke lezinto ozibalayo zingena ngaphansi kokudla okungenampilo. Aziwulungele umzimba wakho. Yebo, khona ungazidla nje uzijabulise, ngalesosikhathi. Ubuwazi ukuthi ngisho notshwala nogwayi kuyingozi kakhulu kuthina?'

'No, Sipho! Junk food is not good for our bodies. Eating a poor quality diet is linked to obesity, depression, digestive issues, heart disease, type 2 diabetes, cancer and early death. I doubt that you want to face all these challenges when you grow up. I thought your dream was to become a very successful soccer player, that will be known worldwide. How will you reach your goals if you are not taking care of your body and diet?'

'Eish, Nosipho, thank you so much for this very important lesson, my sister. You always amaze me, Nosipho. Where do you find this information? At least I can have sweets, sugar and a snack. You didn't mention it.'

'Sipho, all these things are called junk food. They are not good for your body. Yes, we can have it as a treat, sometimes. Did you know that even alcohol and cigarettes are very dangerous for us?'

'Nosipho ngididekile ke manje. Umalume wami uhlezi eziphuzela utshwala ebhema, kodwa ubukeka ephila. Awuzange uwuphendule umbuzo wami. Uluthathaphi lolulwazi olungaka?'

'Sipho umalume wethu akanayo impilo nakancane nje. Uyakhumbula ukuthi kungani abuya eGoli? Wayehlaselwe isifo sofuba. Ugogo waphakamisa ukuthi akabuye ukuze umndeni uzokwazi usiza ukumnakekela. Uyazi Sipho, umonakalo obangwa ilezizinto kwesinye isikhathi awukhombisi umthelela ngesikhathi. Kungathatha iminyaka ngaphambi kokuthi ubone umphumela. Mfowethu kubalulekile ukuthi uhleze ufunda izincwadi namaphephandaba. Ilapho engithola khona ulwazi.'

'Ngiyabonga Nosipho, ake ngihambe masisha ngiyophakela izimbuzi ukudla okunomsoco.'

'Nosipho, I'm confused now. My uncle is always drinking and smoking, but he looks fine. You didn't answer my question. Where do you get all this information?'

'Sipho, our uncle is not healthy at all. Do you remember why he came back from Joburg? He was suffering from Tuberculosis. Grandma told him to come back so that our family can help to take care of him. You know, Sipho, the harm that is caused by these things sometimes does not show its effects immediately. It can take years before you see any result. My brother, it's always important to read books and newspapers. That's where I found this information.'

'Thank you, Nosipho. Let me quickly go feed our goats with a healthy diet.'



Ingxoxo


1. Ukudla ukudla okunomsoco kunamthelela muni emzimbeni yethu ?
2. Ibuphi ubungozi obudalwa uphuzo oludakayo kanye nokubhema?
3. Imiphi imiphumela ngokuhamba kwesikhathi udalwa ukukhuluphala ngokweqile?





Umsoco nengcindezi

8



Nutrition and stress

Abalingisi: **Nosipho, Siph**

Characters: **Nosipho, Siph**

'Sanibona bangani, niyakhumbula ukuthi ngonyaka odlule safunda okuningi ngokuphakela nangokwengezelela umsoco. Namhlanje sifuna ukunoxela kabanzi ngomsoco odingwa izilwane nezinto ezingabangela ingcindezi.'

'Sipho lento okhuluma ngayo ibaluleke kakhulu, bengingakaze nganaka ukuthi izilwane zidinga umsoco ofanayo nowabantu, zidinga amacarbhydrate eziwathola etshanini nasemacembeni, amaprotheni eziwathola kwizintwethe izihlahla zameva kanye namavitamini namaminerals eziwathola kwezinye izitshalo ezizidlayo kanye namsemanzini eziwaphuzayo.'

'Nosipho abanye abantu abazinaki lezizinto bahlale bekhononda ngokungaphili nezimbuzi ezigulayo. Lokhu kungaba nomthelela ongemuhele kumkhiqizo wabafuyi kakhulukazi izinsikazi ezimithi. Umangabe izimbuzi zilambile okanye zingawutholi umsoco owanele ziba nengcindezi futhi kubamandla kakhulu kwizinsikazi emithi ngoba zingagcina seziphunza. Kulinganiselwa ku80% ukufa kwamazinyane umangabe onina belamba futhi bengakwazi ukunwacelisa amazinyane.'

'Sipho ingabe zikhona ezinye izinto ezibangela ingcindezi ngaphandle kokulamba?'

'Hi, friends. Do you remember last year we learnt a lot about winter feed and supplementing? Today we want to tell you more about nutrition required by animals and the things that cause stress.'

'Sipho, this stuff is very important. I never realized that animals require similar nutrients to humans. They need carbohydrates from grass and leaves, protein from acacia pods and vitamins and minerals from the other plants that they eat as well as the water that they drink.'

'Nosipho, some people don't take some of these things seriously and they always complain about unhealthy and sick goats. This can even affect a farmer's production especially with pregnant females. If the goats are hungry or they are not getting enough nutrients they get stressed and it can be even worse with pregnant females because they can even abort. Almost 80% percent of kids die when their mothers are hungry and unable to feed them.'

'Sipho, are there any other things that cause stress other than being hungry?'





'Yebo dadewethu engimthandayo, ukumitha nje kukodwa kubanga ingcindezi kwizinsikazi umzimba ubeka okuningi engozini ukusekela umbungu nokuqinisekisa ukuthi ukhula kahle. Ezinye izinto ezibangela ingcindezi ezilwaneni ukuhamba amabanga amade ziyofuna ukudla, ukuzihambisa ngemoto, ukushintsha idlelo, ukuzibamba kabi, ukuba nobudlova ngesikhathi ubamba imbuzi kanye nokwesweleka kwamanzi ahlanzekile.'

'Uqinisile Sipho, futhi usufunde okuningi selokhu saqala. Noma kunjalo eziningi zalezinkinga zinazo ixazululo, ikakhulukazi izinsikazi ezimithi ngoba ungakwazi ukuzengezela umsoco kusasele inyanga ukuthi zizale lapho kuyisikhathi esibucayi kakhulu ukondla umbungu uqhubeke uphakela izinyanga ezimbili emveni kokuba zizele. Lokhu kusiza umangabe imbuzi izala ukuthi izale izinyane elinempilo futhi elingekho ntekenteke. Saphinda safunda ukuthi ungakwazi ukuphakela amanzinyane umangabe esezelwe lokho okungehlisa ingcindezi konina. Ukuvikela izimbuzi ukuthi zihambe amabanga amade ungazisekela ngokuzinikeza amanzi ahlanzekile futhi uziphakele ukuze zingezuhamba ziye kude ukuyofuna ukudla okunomsoco ukuze ziphile.'

'Yes, dear sister, pregnancy alone causes stress to a female because the body loses a lot to supplement the foetus to ensure it grows properly. The other things that cause stress in animals is walking long distances to find feed, transporting them, changing their environment, being rough when handling the goats and a lack of clean water.'

'You are right, Sipho, and you have learnt so much since we started. However, most of these issues have solutions, especially with pregnant mothers because you can supplement them a month before they give birth in their critical stage to feed the foetus and two months after birth. This helps when the goat gives birth so that it can give birth to a healthy and strong kid. We also learnt that you could feed kids after they are born which will put less stress on mothers. To avoid your goats having to walk far distances you can supplement the goats with clean water and feed so that they don't have to walk too far to get enough nutrition to survive.'

'Nosipho abathengi abanengi bezimbuzi bahlezi bethutha izimbuzi zabo ngakho kubalulekile ukuthi bazi ukuthi iluphi uhlobo lwezithuthi olufanele izilwane, kufanele bendlale utshani phansi emontweni ukuze zingezushibilika, futhi kubaluleke kakhulu ukuthi bajove izilwane ngomuthi owuzifozonke osebenza isikhathi eside kanye namavitamini ngaphambi kokuthi bazithuthe. Ubaba uhleze ebudlaka kakhulu uma ebamba izimbuzi, lokhu kufanele kuxoxwe nabo bonke abafuyi ngoba izinto ezincane ezingaphazamisa umkhiqizo.'

'Sipho ngicabanga ukuthi ngizodinga ukuthi sisebenzisane ndawonye eplazini lami ukuze silenze libe impumelelo kakhulu. Ungikhumbuze nokuthi umangabe ususa imfuyo yakho iya endaweni ehluke kufanele wenze ucwaningo, uhlale idlelo futhi wazi izifo eziwayelekile kuleyondawo. Umangabe usuzazi izifo ungakwazi ukuzigoma futhi uvikele izilwane zakho. Kufanele uqale uzibeke zodwa izilwane izinsuku eziwu 14 ukuqinisekisa ukuthi azifiki nezifo kulendawo entsha ziqhamuka nazo lazisuka khona.'

'Ngiyabonga kakhulu Nosipho ngalolulwazi ngiyajabula ukwazi ukuthi ufisa sibambisane ebhizinisi esikhathini esizayo.'

'Salani kahle bangani bethu! Kufanele senze umsebenzi wasekhaya, ngale kwalokho kufanele sibe sencwadini ezinhle kuMr Sikhakhane.'

'Nosipho, most of the goat buyers transport their goats so it is important to know what transport is suitable for animals. They also need to use hay so that the floor does not get slippery. It is also very important to inject your animals with long-acting antibiotic with vitamins before transporting them. My father is always very rough with the goats that he is handling, this needs to be discussed with all of the farmers because little things like this can hinder your production. You have reminded me a lot.'

'Sipho, I think I will need you to work together with me at my farm so that we can make it very successful. You have reminded me that if you want to move your animals to a different environment you must research the place that you will be moving them to, like assessing the vegetation and knowing the common diseases. Once you know the diseases you can vaccinate and protect the animals. You also need to quarantine your animals for 14 days to make sure that you are not infecting the animals in the new area from the area that you just came from.'


'Thank you so much, Nosipho, for this information and I am very happy that you want me to be your business partner in future.'

'Goodbye friends! We must do our homework now, otherwise we will not be in Mr Sikhakhane's good books.'



Ingxoxo

1. Isiphi isimo esibangela ingcindezi emfuyweni?
2. Kungani kubalulekile ukuthi imbuzi emithi ibe nomzimba osesimweni esike hle?
3. Ukubana nesihluku ezilwane ni kuwuphazamisa kanjani umkhiqizo?





Ukwelapha

9



Treatment

Abalingisi: Nosipho, Siphopho

Characters: Nosipho, Siphopho

'Sanibonani nonke, yimina uNosipho. Sengijahile ukuthi kube uGood kanye neholidi leFreedom Day neholidi leWorker's Day. Bekumatasatasa kakhulu lana. Besisiza ubaba ngezimbuzi ezigulayo ezinomqhaqhazelo, uhudo ezinye bezixhuga kabi.'

'HHheyi Nosipho, sifunde okuningi ngokulekelela ubaba bengingenalo ulwazi lokuthi kufanele sisebenzise imithi eyahlukene ezifweni ezahlukene. Kodwa mina angizange ngiqonde ukuthi kungani uBaba esebenzise yonke lemithi eyahlukene, ngoba mina bengizovele ngisebenzise iTerremycin.'

'Uyazi Siphopho, uyakhumbula ukuthi izilwane azehlukile kakhulu kunabantu ngokwendlela yokuzinakekela, isibonelo sidinga umpheme, sidinga ukudla, sidinga imithi eyahlukene uma sigula. Siphopho, ungawusebenzisani umuthi wesisu uma uphethwe ikhanda?'

'Nawe uyazi nje angeke kuze kwenzeke, kodwa lemithi ehlukeni isebenza kanjani futhi uyini umehluko phakathi kwayo?'

'Hello everyone, it's Nosipho. I am looking forward to Easter and the public holidays for Freedom Day and Workers' Day. It has been so busy here. We had to help our father with his sick goats that had heartwater, diarrhea and some were limping very badly.'

'Hey, Nosipho. We learnt a lot by helping our father. I didn't know that we had to use different medicines for different diseases. But I didn't understand why Father was using all those different types of medicines, because I would have just used Terramycin.'

'Siphopho, remember animals are not too different from humans in terms of management, for example we need shelter, food and different medicines when we are sick. Siphopho, can you take medication for diarrhea when you have a headache?'

'Well, obviously not. But how do these different medicines work and what is the difference between them?'





‘Umangabe isilwane sinesifo somqhaqhazelo, isifo samaphaphu noma isifo sokuqina kwamajoyinti ungelapha lesosilwane ngemithi enjengoHitet noTerremycin. Uyabona Sipho, isifo sohudo olujwayelekile noma uhudo olunegazi olubulalayo ungelapha kuphela ngomuthi oqondene njengeKyrotrim noma iEco-sulphur.’

‘Ngiyabonga Nosipho manje sekukhanda umqondo, ngoba umangabe sidipha izilwane sisebenzisa umuthi wokudipha futhi umangabe siphuzisela izikelemu sisebenzisa imithi eyahlukene nakhona.’

‘Yebo Sipho ilokho kanye ebengizama ukukuchazela kona. Kodwa sesilibale ukukhuluma ngemithi ehlukeni sakhohlwa ukuxoxela abangani bethu ngoZanele. Niyakhumbula wayegula kangakanani ngeviki elidlule? Samhambisa esibhedlela. Udokotela wathi kunomuthi ongahambisani naye kumshanguzo akayithathayo. Udokotela uyishintshile imithi uZanele ubukeka esengcono. Udokotela wathi umama wenze kahle ukuthi amlethe kuyena futhi angazami ukumelapha ekhaya ngemithi yesintu ngaphandle kokubuza kuyena. Isizathu ingoba imithi yesintu nemishanguzo (ARVs) kungakwazi ukuxabana kodwa.’

‘If the animal has heartwater, pneumonia or joint ill, you can treat that animal with medicine like Hitet or Terramycin. You know, Sipho, for a disease like diarrhea or coccidiosis you can only treat with specific medicines like Kyrotrim or Eco-sulphur.’

‘Thank you, Nosipho, now that makes sense, because when we dip animals we use deticking medicine and when we are treating for worms we use different medicines as well.’

‘Yes, Sipho, that’s exactly what I was trying to explain to you. But we have been so busy talking about different medicines that we forgot to tell our friends about Zanele. Do you remember how sick she was last week? We took her to the hospital. The doctor said Zanele was having an allergic reaction to her anti-retroviral medicine. Doctor has changed the medicine and Zanele seems a bit better. Doctor said Mom was right to bring Zanele to him and not to treat her at home using traditional herbs without checking with him. That’s because herbs and ARVs can interfere with each other.’

'Hheyi, Nosipho! Uyaphi manje?'




'Ngiya endlini yakwaMaMkhize ukuyobasiza ngokubajovela izimbuzi ezinomqhaqhazelo. Angeke akwazi ukufunda kahle imiyalelo yomuthi futhi azikho izingane ezingamsiza ekhaya. Ngizothatha isisindo sembuzi futhi ngikale isikali esifanele sokujova. uMaMkhize utshele uGogo emhlanganweni ukuthi uzonginikeza inkukhu uma ngimsizile.'

'Kanti uqinisile ngempela ukuthi ufuna ukuba udokotela wemfuyo. Uzodinga amakhadi emniningwane yebhizinisi lakho kungekudala!. Kungangcono uhambe nje uyolungisa ucingo ukuze uthole isikhathi sokuyoeqesha ebholeni ngaphambi kokuthi kushaye isikhathi sesidlo santambama.'

'Hey, Nosipho! Where are you going now?'

'I am going to MaMkhize's house to help inject her goats for heartwater. She can't easily read the instructions on the anti-biotics, and she doesn't have any children at home to help. I'll weigh the goats and measure the correct doses for the injections. MaMkhize told Grandma at the farmers' meeting that she would give me a chicken if I helped her.'

'So you are serious about becoming a vet then. You will need some business cards soon!. You had better go and fix the fence so you will still have time to practice soccer before supper.'




Ingxoxo

1. Ngabe uZanele engakwazi ukuphila njengobaephila nesandulela ngculazi?
2. Kubaluleke ngani ukuthi wazi ukuthi isilwane siphethwe isiphi isifo ngaphambi kokuthi welaphe?
3. Wazi kanjani ukuthi imbuzi inesifo somqhaqhazelo?





10

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Sanibonani futhi, uSipho noNosipho lapha. Niyakhumbula ngasekuqaleni konyaka uBaba wayemisele kakhulu ngokufunda ukushuka izikhumba? Namhlanje sizokhuluma ngokuthi kwenzakalani ngalokho kanye nezinye izinto ongakwazi ukuzenza ukwandisa intengo yezilwane zakho.'

'Uyazi Sipho ziningi izinto ongazenza ukwandisa inzuzo ngezilwane zakho. Iningi labantu lihlezi licabanga ukuthi uma unezimbuzi noma izinkomo, ungayisebenzisa nje ukuthola inyama noma ukwenza imicimbi yamasiko. Sipho uthi ubuwazi ukuthi ungakwazi ukugaya inyama wenza amasoseji noma uyomise wenze umqwayiba futhi ubisi ungenza ngalo ushizi.'

'Nosipho uhlezi ungimangaza kodwa iqiniso ungakwazi ukusebenzisa izikhumba ukwakha izingubo zesintu njengekaMama, isidwaba kanye nebheshe likaBaba.'

'Sipho akuyona leyo kuphela imkhiqizo ongakwazi ukuyikhanda ngesikhumba, imikhiqizo yesikhumba isisemgangathweni umhlaba wonke. Ungakwazi ukwenza izinto ezifana namakhushini, okhaphethi, izikhwama zokuphatha kanye namabhande. Lemikhiqizo idayisa njengamakhekhe ashisayo emakethi, ikakhulukazi kumazwe ngamazwe.'

'Hello again, Sipho and Nosipho here. Do you remember at the beginning of the year how eager Father was to learn about leather tanning? Today, we will talk about what happened to that and other things that you can do that will add value to your animals.'

'You know, Sipho, that there are so many different things that you can do that will add value to your animals. Most people think that if you have goats or cattle, you can just use them for meat or rituals ceremonies. Sipho, did you know that you can process meat and make sausages or dry meat to make biltong and with milk you can make cheese.'

'Nosipho, you always amaze me but its true because you can even use hides to make traditional clothes like Mother's leather skirt and father's loin cloth.'

'Sipho, those are not the only products that you can make out of hides. Leather products are becoming very famous worldwide. You can make things like cushions, carpets, handbags, and belts. These products sell like hot cakes in the market, especially internationally.'





'Dadewethu uyabona lokhu kusho ukuthi kufanele sigqugquzele uXolani noBaba ukuthi bahambeke olunye uqeqesho ukuze bakwazi ukukhiqiza imikhiqizo eseqophelweni eliphezulu.'

'Sipho kwenzakalani ngoXolani ngoba wayefuna ukuya oqeqeshweni lokushuka izikhumba eDundee.'

'Eqinisweni Nosipho, uzohamba ngeviki elizayo, futhi usekucacisile uBaba ukuthi uzohamba naye. Lokhu kuchaza ukuthi sizoba nomsebenzi omningi ngeviki elizayo. Obheka ukuthi kuzoba nempikiswano ezingakanani noMalume ngoba uma uBaba engekho kubanzima ukuqinisekisa ukuthi umalume uhlezi emgqeni.'

'Yebo uqinisile mfowethu, kodwa ucabanga ukuthi yini esingayenza ngalesosimo. Kufanele sizame ukumqonda. NoBaba ngezinye izikhathi uyehluleka ukumenza ahlale emgqeni, uyakhumbula ngesikhathi ubaba ezama ukudayisa inkunzi?'

'Yebo Nosipho nami ngangiwuthanda umbala waleyankunzi. Ngangingafuni uBaba ayidayise.'

'Well, sister, you know that means that we need to encourage Xolani and Father to attend more trainings to produce good quality products.'

'Sipho, what happened to Xolani because he needed to attend a leather processing training in Dundee.'

'Well actually, Nosipho, he's going next week, and apparently Father will be joining him. This means that we will have a lot of work next week. And watch how many disagreements we are going to have with Uncle because when our father is not around it's always hard to make sure he stays in line.'

'Yes that's, true brother. But what do you think we could do about that? We need to try and understand him. Even Father fails sometimes to make sure he is in line. Do you remember when father was trying to sell the bull?'

'Yes, Nosipho, I also loved the colour of that bull I didn't want father to sell it.'

'Sipho ilapho owenza khona iphutha, imibala yesikhumba emihle njengobomvu, omhlophe, exubile kanye nezikhumba ezimabalabala izona ezikwazi ukudayisa ngemali ephezulu. Ingakho uBaba ahamba wayozama ukuthenga lesikhumba emveni kokuba edayise inkunzi ngoba wayazi ukuthi sibaluleke kangakanani.'

'Ngiyabona manje sekukhanda umqondo Nosipho, ngangibuza ukuthi kungani umuntu engayothenga isikhumba sesilwane sakhe ekade esidayisile. UBaba wayenza ubuhlakani kodwa ngebhadi wathola ukuthi indodana kababa uZondi, uSithembiso wayeseqalile ukusisebenzisa ukwenza imkhiqizo yesikhumba.'

'Sipho ngicabanga ukuthi kwenele manje ngengxoxo zezikhumba, woza uzosiza u-Anti nami ngokupheka, kufanele ufunde ukupheka ukuze ngelinye ilanga uma usuhlala wedwa uyokwazi ukuyinakekela.'

'Sipho, that's where you are wrong. Nice skin colours like red, white, mixed variations and hides with speckles are ones that can sell for a high price. That's why Father went back to try buy that hide after selling the bull because he knew how valuable it was.'

'OK now that makes sense, Nosipho. I was wondering why someone would buy their own animal's skin that they had just sold. Father was very smart but unfortunately, Mr Zondi's son, Sithembiso was already using it to make leather products.'

'Sipho, I think that's enough stories about leather now. Come help Aunt and I cook. You need to learn how to cook so that one day when you are living by yourself you will know how to look after yourself.'



Ingxoxo

1. Kuyini ukuguqula umkhiqizo ukuze ukwenzele inzuzo eyengenziwe?
2. Iziphi izindlela ezingcono zokuguqula umkhiqizo ukuze wenze inzuzo eyengeziwe emhlabini wakho?
3. Ikuphi okwehlisa umkhiqizo owengeziwe emhlabini wakho?





Ukulungiselela ubusika

11



Preparations for winter

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Sanibonani bangani bethu, uNosipho noSipho. Niyakhumbula ngeviki elidlule sasikhuluma ngokuthi ungayandisa kanjani imali yakho ngokukhanda izinto zesikhumba nango kushuka? Basitshela ukuthi uqeqesho lwahamba kahle kakhulu, futhi sebezqala ukuzama ukukhanda imikhiqizo eyehlukene. Yize kunjalo, ngeviki siqalile ukulungiselela ukuphakela ebusika.'

'Yebo Nosipho, ngizizwa ngikhathele emveni komsebenzi onzima okade siwenza, angizange ngithole ngisho isikhathi okanye umfutho wokuyodlala ibhola, manje angazi ukuthi ngiyoba umdlali oseqophelweni eliphezulu kanjani ngingalutholile uqeqesho engiludingayo.'

'Sipho uhlezi ukhuluma into ebhedayo, uyazi ukuthi kubaluleke kangani ukulungiselela ubusika? Satshala ubhontshisi nombila okuzosisiza ngokudla kwasekhaya kanye nokudla kwemfuyo.'

'Nosipho angazi ukhuluma ngani. Ngityaqonda ukuthi sizodla ummbila nobhontshisi kodwa angazi ukuthi kungani kufanele sinikezele ukudla kwethu emfuyweni?'

'Angeke sinikezele ubhontshisi nommbila emfuyweni, zona sizonikeza amakhasi kabhontshisi kanye nenhlanga zombila. UBusiwe unomshini wokugaya ngakho uzokuza azosigayela ukudla kokuphakela ukuthi kukwazi ukudleka kalula kakhulu emazinyaneni.'

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Hello friends, its Nosipho and Sipho. Remember how last week we were talking about value adding by leather processing and tanning? They told us that the training went very well, and they are going to start practicing making different products. However, last weekend we started preparing for winter feeding.'

'Yes, Nosipho. I'm feeling rather tired after all of the hard work we have done. I didn't even have the time or energy to play soccer. Now I don't know if I am ever going to become a professional soccer player without the practice I need.'

'Sipho, you are always talking nonsense. Don't you know how important preparing for winter is? We planted beans and maize which is going to benefit our home consumption and livestock feed.'

'Nosipho, I don't know what you are talking about. I understand that we are going to eat the maize and beans but why would we give our own food to our livestock?'

'We won't be giving beans and maize to our livestock. We will be giving them the bean's hay and the maize stover. Busisiwe has a hammermill so she will come and process the hay for us for the food to become easily edible especially for the goat kids.'





'Woo! manje sekukhanda umqondo, bengididekile ukuthi kungani sizothatha zonke izitshalo zethu ukuthi siphakele izilwane. Uyazi dadewethu, yize ngangijabule ngokusebenza kodwa ngakuthanda kakhulu ukwenza itshe lomsoco ntambama noXolani. Ngizizwa angathi kwasa nami sengingakwazi ukuzenzela amatshe omsoco ngiyawadayise. Kwakumnandi kakhulu ngoba sasizazi zonke izithako nokuthi zikalwa kanjani kusukela ngesikhathi sasiwakhanda ngonyaka odlule.'

'Yebo mfowethu, ngahlabeka umxhwele kakhulu ukuthi wawusakhumbula ukuthi sasidinga ojeke abawu 16 beProcon 33, ojeke abawu 7 bempuphu, ojeke abawu 6 bakatiligi, ojeke abane bomcako kanye nojeke ababili betswayi elimahhadla. Lokhu kusho ukuthi wasithanda kakhulu lesisifundo ngoba phela wena ujwayele ukuzikhohlwa izinto kodwa ukwenze unokumamatheka ebusweni bakho.'

'Nosipho, nangesikhathi umfundisi wethu esihola ngokufunda ngokwenza ngangijabulela sonke isikhathi sokwenza kanti ngiyalibona ithuba lebhizinisi kulokhu ngoba nawe uyazi ngiyithanda kanganani imali! Cabanga nje ngehora elilodwa sakwazi ukwenza amatshe awu 42.'

'Sipho sekwanele ngalokhu ngoba ngiyazi ukuthi ayikho into engakuvimba umangabe usuqale ukukhuluma ngemali. Uyakhumbula ukuthi ubaba wathi ufuna ukuphakela izinsikazi ezimithi kuphela kanye namazinyane?'

'Oh that makes sense. I was very confused why we would be planting all of our crops just to give it all to our animals. You know, sister, as unhappy as I was about working I did enjoy making the protein blocks that evening with Xolani. I feel like I could actually even make my own blocks and sell them. It was so exciting because we knew all of the ingredients and quantities from last year when we made them.'

'Yes, brother. I was very impressed that you you remembered we needed 16 jugs of Procon 33, 7 jugs of maize meal, 6 jugs of molasses liquid, 4 jugs of whitewash and 2 jugs of coarse salt. This means that you really liked this subject because usually you just forget things but you did everything with a smile on your face.'

'Nosipho, even when the facilitator leading the practical I was enjoying every moment of it and I can see a business opportunity in this because even you know how much I love money! Imagine in one hour we managed to make 42 blocks.'

'Sipho, enough of that because I know that there is nothing that can stop you when you start talking about money. Remember when father said he only wanted to feed pregnant ewes and goat kids?'

'Nje, ngiyakukhumbula lokho angiqondi ukuthi kungani engayiphakeli impongo nomhlambi wonke esibayeni.'

'Mfowethu uma uphakela yonke into esibayeni udinga ukudla okuningi, udinga ukukwengezelela umsoco kuphela kulezi ezinengcindezi futhi kufanele ziphile. Izilwane ezinengcindezi kuphela esibayeni izinsikazi kanye namazinyane. Izinsikazi zinengcindezi ngoba kufanele zithole ukudla okwanele ukuze zikwazi ukukhiqiza ubisi lokuncelisa amazinyane futhi umangabe zisamithi kufanele zigcine umbungu usesimweni ukuqinisekisa ukuthi zizala amazinyane aphilile. Abafuyi abaningi bayawahlukanisa nonina umangabe beya edlelweni, lokho okusho ukuthi akukho asuke enakho azokudla ngesikhathi eshiywe esibayeni ngaphandle konina. Ngakho kubalulekile ukuwaphakela ngalesosikhathi ukuze noma omama uma bebuya futhi benganalo ubisi olwanele, akuwahlukumezi amazinyane lokho.'

'Kulungile ngiyabonga Nosipho, kufanele sihambe siyokha amanzi manje, mina ngizothatha ibhakede ekhulu wena uthathe encane.'

'Ngiyabonga Sipho, ngiyakuncoma kakhulu ukungilekelela njengoba kufanele ubhuti omuhle enze njalo.'

'Yeah, I remember that but I still don't know why he couldn't feed rams and everything else in the kraal.'

'Brother, if you feed everything in the kraal you will need a lot of feed. You only need to supplement the ones that are stressed and need it to survive. The only animals that are stressed in the kraal are females and kids. Females are stressed because they have to get enough feed to produce milk for their babies and when they are still pregnant they need to maintain their fetus to ensure they give birth to healthy kids. Most farmers separate kids from their mothers when they are going for grazing, meaning that there is nothing to eat when they are left in the kraal without their mothers. So it is important to feed them during that period so even when their mothers come back and don't have enough milk, it doesn't affect them in a negative way.'

'OK, thanks Nosipho. We need to go and fetch water now. I can take the big bucket you take the small one.'

'Thanks, Sipho. I really appreciate you helping out like a good brother should.'



Ingxoxo


1. Kungani silungiselela ubusika?
2. Isiphi isigaba esibucayi ekufanele uphakele izinsikazi ezimithi?
3. Yini engenzeka emazinyaneni uma ungawaphakeli?





Ukwabelana
ngesikwaziyo

12



Sharing
what we
know

Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**, **Malume**

Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**, **Malume**

'Sanibonani nonke. U-Anti ubezama ukuthatha izithombe ezinhle zikaSiphiso nami sinogogo wethu kodwa buka uSiphiso - uzifundela iphephandaba futhi!'

'Nosipho, sengithathwe izithombe izikhathi eziningi kabi! Ngaphandle kwalokho, ngithola into engihlaba umxhwele kuleliphephandaba. Kunabantu abambalwa abakhanda imvunulo yesintu. Kunenhlobo nendoda ekhanda amabheshu kanye namambatha akhandwa ngesikhumba sezingwe kodwa akasawenzi amambatha ngoba kuphambene nomthetho ukubulala okanye okusebenzisa izikhumba zezingwe. Abavakashi bazithenga nge-internet. Ubuye abolekise ngazo kubantu abangafuni ukuthenga kodwa abafuna ukuziboleka bezisebenzise kanye noma kabili.'

'Siphiso kufanele ukhombise uBaba lokho. Engathenga izikhumba ngoR50 noma ngaphansi. Njengoba uBaba noXolani sebaqeqeshwa sebengayikhanda kalula imikhiqizo yekhumba njengamahawu, izigubhu, izimpahla, izicathulo kanye nezikhwana - okusho ukuthi kunganentengo ephezulu. Ucabanga kanjani Malume?'

'Kungenzeka, kodwa lesiya sikhumba sokugcina besingekho esimweni Siphiso. Isikhumba sakhona besinendawo eziningi ezilimele.'

'Lokho kwenziwa ukuthi abafuyi bashaya izilwane ngesiswebhu, Malume.'

'Hello, everyone. Our Aunt was trying to take a nice picture of Siphiso and I with our granny but look at Siphiso - he is reading the newspaper again!'



'Nosipho, I have had my photo taken too many times! Besides, I found something very interesting in the paper. It says few people still make traditional Zulu attire (imvunulo). There is an interview with a man who makes amabheshu and leopard skin tops (amambatha) but he no longer makes amambatha because it is against the law to kill or use leopard skins. Tourists order them on the internet. He also hires them out to people who don't want to buy them just to use once or twice.'

'Siphiso must show that to Dad. He can buy hides for R50 or less. Since Dad and Xolani have gone to the training they can easily make different products such as shields, drums, clothes, shoes and bags - meaning they will be worth much more. What do you think, Uncle?'

'Perhaps, but that last hide was not good quality, Siphiso. The skin was badly scarred.'

'That's because the farmer beat the animal with a whip, Uncle.'





'Kulungile Malume ngizohamba ngiye komlanda. Ngicabanga ukuthi umatasa ngomsebenzi wesikole.'

'Isikhumba sasilinyazwe utwayi. Ungakwazi ukuvikela ukonakala kwesikhumba ngokuthi uziphe kodwa abafuyi abanye abakuqondi ukubaluleka kokudipha izilwane. Ukudipha izilwane kungakongela imali Malume, ngoba izifo eziningi zithwalwa izimuncagazi zangaphandle (amakhizane, amazenze, utwayi nentwala).'

'Wakufundaphi lokho Siphopho?'

'Ngakufunda oqeqeshweni ediphini Malume.'

'Yini enye owayifunda oqeqeshweni?'

'Umpopoli wezilwane wasifundisa ukuthi uzibona kanjani izimpawu zezifo.'

'Mshana, lungihlabhe umxhwele ulwazi lwakho ngemfuyo. Uyazi ngicabanga ukuthi eyodwa yembuzi zethu inethumba entanyeni. Ungakwazi ukuyibheka?'

'Yebo Malume kodwa uNosiphopho onolwazi olungcono ukunamini ngezilwane ezigulayo.'

'OK, Uncle, I will go and fetch her. I think she is busy with homework.'

'The skin was also scarred by mange. You can prevent skin damage by dipping but some farmers don't understand the importance of dipping animals. Dipping your animals can save you a lot of money, Uncle, because most diseases are from external parasites (ticks, fleas, mange, lice).'

'Where did you learn that, Siphopho?'

'At the diptank training, Uncle.'

'What else did you learn at the training?'

'The animal technicians taught us how to recognize signs of disease.'

'My nephew, I am impressed by your knowledge of animals. By the way, I think one of our goats has an abscess on its neck. Can you look?'

'Yes, Uncle, but Nosiphopho is much better than me with sick animals.'

'Sawubona Malume. Yithi ngibone ithumba. Sipho ngicela ungiphe amanzi ahlanzekile afudumele, usawoti, isifutho selonda, insingwa, amaglavu alahlwayo kanye nephepha lasendlini yangasese.'

'Nosipho liphelile iphepha lendlu yangasese izolo.'

'Akungankinga Sipho, letha iphephandaba elidala okungcono.'

'Ezani zonke lezinto mshana?'

'Malume, uma welapha ithumba, udinga ukulisika ulivule ukhiphe ubomvu uqinisekise ukuthi abaconseli phansi enhlabathini ngoba kungenzeka kutheleleke ezinye izilwane. Umangabe usubukhiphile ubomvu, kufanele uhlanze isilonda ngamanzi asithuku anetswayi ukubulala amagciwane abanga ithumba. Umangabe usuqedile ukulihlanza ungasebenzisa isifutho selonda ukulawula izimpukane ezingakwazi ukuthi zifake isifo sesibili.'

'Bengingazi ukuthi unolwazi olungaka Nosipho. Uyazi ukuthi mina ngikwenza kanjani? Ngijwayele ukuvele ngiliqhumise ithumba ngilikhame ubomvu ngibushiye khona lapho esibayeni, emveni kwalokho ngifuthe ngesifutho selonda ngaphandle kokuthi ngisihlanze isilonda. Yingakho sihleze sinembuzi eziningi ezinamathumba kanti nalezi esizelaphayo kuthatha isikhathi eside ukuthi ziphole. Ngiyabonga bantwana, anginalo iqiniso lokuthi ngiyanikholwa kodwa nami ngizoke ngikuzame embuzini ngibone ukuthi kuyasebenzani.'

'Hi, Uncle. Let me see the abscess. Sipho, please bring some clean warm water, salt, wound spray, a razor, some disposable gloves and lots of toilet paper.'

'Nosipho, we ran out of toilet paper yesterday.'

'That should be fine. Get some old newspaper instead.'

'What will all these things be for, my niece?'

'Uncle, when you are treating an abscess, you need to cut it open and make sure that the pus does not touch the ground, or it might infect some of the other animals. After removing all the pus, you need to clean the wound with warm salty water to clean the bacterial infection that caused it. After it has all been cleaned you can apply wound spray to control the flies which will cause a secondary infection.'

'I didn't know you were so skilled, Nosipho. Do you want to know how I do it? I usually just pop the abscess and drain all of the pus to be left in the kraal, after that I apply the wound spray without cleaning any of the wound beforehand. No wonder we always have so many goats with abscesses and even the ones that we do treat take so long to heal. Thank you, children. I'm not sure if I believe you but I will try it on one of my goats and see if it works.'



Ingxoxo

1. Ikuphi okungenzeka uma ungazidiphi imbuzi zakho?
2. Iziphi izindlela ezehlukine ongazisebenzisa ukudipha impahla?
3. Iziphi izimpawu zotwayi?





Ikhovithi
iyabulala

13

COVID kills



Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**

Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**

'Sanibona bangani. Mina noSiphiso, siphatheke kabuhlungu kakhulu namhlanje. Ugogo wethu, obesakelwa sonke futhi esifundisa izinto eziningi, ushonile. Asikakukholwa lokhu. Ugogo wethu uvele wagula nje ugule mahlayeni ubeshisa kakhulu, ekhwehlela kabi enomphimbo obuhlungu kanti futhi ubengakwazi ukunambitha ukudla okanye ukuzwa into enukayo. Siphiso bekubuhlungu kakhulu ukubona uGogo ekulesiya simo kungathi akasenampilo, ubaba wenze ukuhlakanipha wabiza iambulensi. Uyakhumbula ukuthi besiphatheke kabuhlungu kanjani sonke ngesikhathi i-ambulensi isihamba naye.'

'Nosipho ngiye ngajabula uma uMama evolontiya ukuhamba naye. Yize elale emabhentshini esibhedlela ubusuku bonke kodwa kumsizile kakhulu uGogo ukuthi engazizwa eyedwa. Ekuseni ngakusasa esibhedlela bazisa umama ukuthi uGogo uhlaselwe isifo sekhovithi. Base bavolontiya ukuthi bazomletha ekhaya ukuthi engagcini esethelela abanye njengoba uyena obeseduze kakhulu nogogo.'

'Yebo Siphiso, ngesikhathi uMama efika ekhaya, sabe sesitshelwa indaba ukuze sikwazi ukuqala uhlelo lokungazihlanganisi nabanye abantu ukuze uma imiphumela uma ibuya yithi sitheleleke ngekhovithi. Loluthi olunovolo abahlola ngalo lubuhlungu uma belushutheka ekhaleni. UMalume wayenenkani njengazo zonke izikhathi.' wazama ukunqaba ukuhlolwa.

'Hello, friends. Siphiso and I are very, very sad today. Our grandma, who has looked after us all and taught us so many things, has died. We cannot believe it. Our grandma suddenly got sick she had a very high temperature, a bad cough, a sore throat and she couldn't taste or smell anything. Siphiso, it was so painful seeing Grandma in that condition where she was so lifeless. Dad was very wise to have called an ambulance. Remember how worried we all were when the ambulance took her away?'

'Nosipho I was so glad that Mom volunteered to go with her. Although she slept on the hospital benches the whole the whole night it really helped grandma not feel lonely. That next morning the hospital let us know that Grandma was suffering from COVID. They volunteered to drive her home to avoid infecting anyone else because she was in contact with her.'

'Yes, Siphiso. When Mom arrived home, we were told of the news so that we could start self-isolating if we tested positive with COVID. Those swabs were so sore when they stuck them right up my nose. Uncle was difficult as always and he tried to refuse getting the test.'



Know the symptoms of COVID-19, which can include the following:



Symptoms can range from mild to severe illness, and appear 2–14 days after you are exposed to the virus that causes COVID-19.

'Yebo Nosipho, ngenhlanhla uBaba wayekhona ngoba umsebenzi wezempilo wamxwayisa ukuthi umangabe enqaba ukuhlolwa futhi eqale ethelela abanye abantu engaboshwa. Ngangingazi ukuthi ukwesaba kangaka ukuboshwa, khumbula ukuthi sonke sahleka kanjani ngesikhathi esencenga umsebenzi wezempilo ngokuthi, faka loluthi ekhaleni lami dokotela angifuni ukuye ejele?'

'Yonke imiphumela yethu yabuya ingenalo igciwane kusetshenziswa uhlobo kokuhlola olubuya ngesikhathi abasinika lona. Ngaleyontambama ubaba wathola ucingo olwaluqhamuka esibhedlela lusho ukuthi ugogo ushonile ntambama. Ubaba waqala wakhala kwangicacela ngalesosikhathi ukuthi kwakunendaba ezibuhlungu ngoba angikaze ngimbone ubaba ekhala phambilini.'

'Nosipho kwakuyisikhathi esibuhlungu kakhulu kithi njengomndeni, wonke umuntu wayekhala kakhulu. Kwakuzwakala engathi kunengxenywe enkulu yomhlaba wethu esilahlekele.'

'Yes, Nosipho. Luckily Father was there because the health worker warned him that if he refused to be tested and started infecting other people he could be arrested. I didn't know that he was so terrified of getting arrested. Remember how much we all laughed when he started begging the health worker by saying, 'please stick it up my nose doctor I can't go to jail?'

'All of our tests came back negative with the rapid tests that they gave us. That evening Father received a call from the hospital that she died that afternoon. Father started crying so I knew immediately that there was bad news because I had never seen him cry before.'

'Nosipho, that was such a sad moment for us as the family. Everybody was crying so much. It feels like there is a big part of our world that is now missing.'

'Sipho, bengihlezi ngizitshela izinto ezingelona iqiniso ngekhovithi, nabangani bami esikoleni bathi akufanele sikhathaze ngoba isifo esile emadolobheni futhi esiphatha izigwili kuphela, besinephutha. Manje sengiyazi ukuthi bonke labantu ekade beshona ngokushesha ekade ngizwa ngabo la endaweni yangakithi bonke kade benokhovithi ngoba bonke bebhombisa izimpawu ezifanayo nalezi ebezikugogo.'

'Yebo Nosipho uqinisile, kufanele siqale manje silandele imigomo yekhovithi njengokuhlala sigqoke izamfonyo uma sisendaweni zomphakathi, sigcine ugqagqano futhi siye kogoma. Ngisola umalume ngoba uyena obebhizi efaka ugoto umoya omubi ukuthi angagomi, watshela ugoto ukuthi indlela kahulumeni nje le yokunciphisa isibalo sabantu abadala, ethi lomjovo ojoywa ngawo uwumaka kaSathane futhi uyafa emva kwemnyaka embili ugomile. Konke lokhu bekungamanga amakhulu manje sesilahlekelwe ugoto.'

'Sipho ukhuluma into enomqondo manje, ugoto wethu ngabe usaphila ukube wayegomile. Umgomo awuvimbeli ukuthi ungathelelwa igciwane kodwa wehlisa amathuba okuthi ugcine ususezingeni la usugula kakhulu ufe ngenxa yakho. Asiyeke ukukhononda ngosekwenzekile manje asilungiselele umngcwabo.'

'Sipho, I had such a big misconception about COVID. Even my friends at school said we don't need to worry because it was only in the city and only affecting rich people. How wrong we were. Now I believe that all of these sudden deaths that I have heard about in our village must all be COVID because they all had similar symptoms and all to grandmother's.'

'Yes, Nosipho, you're right. We must start abiding to these COVID regulations like always wearing a mask in public, social distancing and getting vaccinated. I blame Uncle because he influenced Grandma not to get vaccinated. He told her that its government's way of reducing the population, the injection you get is the mark of the devil and you will die after two years. All of this was a big lie and now we have lost our grandma.'









'Sipho, you are talking sense now. Our grandma would have survived if she was vaccinated. The vaccine does not stop you from getting infected but it reduces the possibility of you getting to a stage where you could die because of it. Lets stop complaining about what happened and start preparing for the funeral.'



Ingxoxo

1. Ikuphi okwaziyongesifo seCOVID?
2. Kungani uGogo ubezophepha ukuba ubesegomile?
3. Kungani kubalulekile ukuthi ugome?
4. Iziphi izindlela eziphephileongazenza ukunciphisa ubungozi bokuthola isifo seCOVID?

How can I prevent COVID-19?

 <p>Stay at least one metre away from people, and even further when indoors.</p>	 <p>Wear a face mask around others.</p>	 <p>Avoid places that are crowded, confined or involve close contact with others, especially indoors.</p>	 <p>Wash your hands regularly or use an alcohol-based hand sanitiser.</p>
 <p>Get a COVID-19 vaccine when you're offered it.</p>	 <p>Keep rooms well ventilated when you're inside with other people.</p>	 <p>Cough or sneeze into a tissue or your elbow. Throw the tissue away and wash your hands after.</p>	 <p>Stay at home and call your health worker if you're unwell.</p>

Avert www.avert.org/coronavirus Source: WHO



**Ulale
ngokuthula
Gogo
wethu**

14



**Rest in
peace
Grandma**

Abalingisi: Siphso, Nosiphso, Malume

'Sanibona bangani, Mina noSiphso simatasa silungiselela umngcwabo. Khumbulani ukuthi asivumelekile ukuya esikoleni njengoba nathi saba nokuthintana eduzane nogogo owahlolwa watholakala ukuthi unegciwane lekhovithi ngaphambi kokuthi ashone?'

'Nosiphso ngithola kunzima kakhulu ukwamukela nokukholwa ukuthi ugogo wethu akasekho. Manje sesilungiselela umngcwabo. Uanti upheka utshwala. Kwenza inhliziyi yami ibebuhlungu ukubona lokhu, ngoba ugogo uyena obehleze egaya utshwala uma kunemicimbi. Umama uhleli nomama kaXolani endlini yotshani. Angithandi ukuyohlala endlini yotshani ngoba bayakhala kakhulu.'

'Siphso uke wababona ubaba nomalume bephikisana ngomngcwabo ubaba ufuna kuhlatshwe izimbuzi ezimbili njengamanje kanye nezimbuzi ezintathu nenkomo uma sekwenziwa umcimbi wokumgeza ezinyangeni eziyisithupha. Umalume uthi yena kufanele bahlabe inkomo kumanje bheka nampa beza ngapha, besaqhubeka bephikisana...'

'Ngiyakutshela dadewethu, sizoba nenkinga namadlozi uma inkomo ingahlatshwa manje kwenzelwa ugogo wethu.'

Abalingisi: Siphso, Nosiphso, Malume

'Hi, friends. Siphso and I are very busy with these preparations for the funeral. Remember how we weren't allowed to go to school because we had close contact with grandma who had tested positive for COVID before she died?'

'Nosiphso, I still find it so hard to believe that we don't have a grandma anymore. Now we are getting ready for the funeral. Our aunt is brewing the beer. It makes my heart sore to see it, because it was Grandma who always brewed the beer for ceremonies. Our mother is sitting with Xolani's mother in her hut. I don't want to stay in the hut because they are crying so much.'

'Siphso, did you see Father and Uncle arguing about the funeral? Father wants to slaughter two goats now and then slaughter three goats and a cow for the cleansing ceremony in six months. Uncle says they must also slaughter a cow now. Here they come now, still arguing...'

'I am telling you, my sister, we will have a problem with the ancestors if we do not slaughter a cow for our grandmother now.'





'Sipho into abangayiqondi ukuthi akusuwona umngcwabo ojwayelekile. Umangabe umuntu eshone ngekhovithi, umndeni uvumeleke ukuba nabantu abawu 50 kuphela emngcwabeni, ukwehlisa amathuba obungozi bokuthelelana. Kuyofuneka ukuthi siqinisekise ukuthi wonke umuntu ozile kufanele agqoke isamfonyo futhi basanithazwe ihora nehora ngesikhathi kuqhubeka inkonzo.'

'Nosipho uthini manje? Bengingazike ngalokho. Asiphuthume siyokwazisa abadala umakungenzeka ukuthi abazi. Asithembe ukuthi ngeke basicasukele futhi becabange ukuthi kukhona esizama ukubafundisa kona.'

'Yebo mfowethu, nathi asingabaxini sicabange ukuthi basesimweni esinzima njengamanje. Ngineqhinga, uyakhumbula ukuthi umalume wethuka kanjani ngesikhathi bemtshela ukuthi engaboshwa uma engafuni ukuhlololwa ikhovithi? Uma sesixoxa nabo ngizoyibeka ngalendlela yokuthi bengasicasukeli.'

'Kulungile Nosipho, asambe manje kodwa yiza namabhodlela amabili esiphuzo esibandayo ukubalekelela ukuthi bathi ukuphumula kuqala, bebesebenza kanzima.'

'Sipho, what they don't understand is that this is not a normal funeral. If someone has died because of COVID, the family is only allowed to have 50 people there to reduce the risk of more infections. We will have to make sure that everyone attending has a mask on and they get sanitized every hour during the service.'

'Nosipho, what are you saying now, I didn't know about that. Let's quickly let the adults know in case they also don't know. Let's hope that they won't get angry at us thinking that we are trying to teach them something.'

'Yes, brother. Let's take it easy on them because they are also going through a tough time right now. I also have a plan. Do you remember how terrified Uncle was when he could have been arrested for not getting a COVID test? When we talk to them I will phrase it in a way that he won't get mad at us.'

'OK, Nosipho. Let's go now but bring those two bottles of cold drink to get them to relax a bit first. They have been working so hard.'

'Baba nomalume, sinilethele lokhu, nobabili benisebenza ngokuzikhandla kakhulu muva nje. Kodwa kunento esifisa ukuyixoxa nani, sizwe emsakazweni kanye nasesikoleni ngothisha ukuthi ngesikhathi sesifo sekhoviti kuvumeleke abantu abawu 50 kuphela emngcwabeni futhi uma abantu bephula lomthetho bengaboshwa bengabe besakwazi ukungcwaba abathandiweyo babo!'

'Ini? Niyithathaphi yonke lento? Sidinga ukuba nomngcwabo omkhulu kagogo wenu ngoba ubedumile kuwona wonke umuntu futhi bemthanda.'

'Iqiniso malume. Nekhansela kanye nenduna bebhuluma ngakho, umngani wami uSithembiso ungitshelile ukuthi bekunomhlangano ehholo lomphakathi omayelana nekhovithi nokuthi iluphi ushintsho oludinga ukwenzeka endaweni.'

'Kulungile ngizolandelela nenduna kulokhu, Siyabonga ukuthi nisazise bantwana asifuni ukugcina sesiboshwa. Lokhu kuzoxazulula nempikiswano yokuhlaba inkomo. Uma kuzoba abantu abawu 50 kuphela angeke kube nasidingo sokuhlaba inkomo, okungenani kungafanele sihlabe izimbuzi ezimbili lezi eziwumthetho ezidingekayo ngokwesintu uma kuwumngcwabo.'

'Father and Uncle, we brought you this. You two have been working so hard lately. But there is also something that we wanted to discuss with you. We heard on the radio and at school from the teachers that during the COVID pandemic we are only allowed 50 people for a funeral and people breaking that law will be arrested and therefore unable to bury their beloved one!'

'What!? Where did you get that from? We need to have a big funeral for your grandma because she was so popular amongst everyone and loved.'

'It is true, Uncle. Even the counsellor and the induna were talking about it. My friend, Sithembiso, told me that there was a meeting at the community hall on COVID and what changes need to happen in the area.'

'OK, I will follow up with the induna on that. Thank you for letting us know, children. We don't want to get arrested. This will also solve the argument about us slaughtering that cow. If there are only 50 people then it will not be worth it to slaughter. We should probably only slaughter two goats which is required for the tradition of a funeral.'



Ingxoxo

1. Kungani udinga ukuthengela umngcwabo?
2. Engabe iyadingeka yini imfuyo uma uzoba nomngcwaba futhi uyidingelani?
3. Kubalulekile yini ukuba nabantu abaningi emngcwabeni futhi kungani?





Ubusika obunzima

15



A difficult winter

Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**

'Sanibona nonke. Mina noNosipho sesibuyile esikoleni emva komngcwabo kagogo. Kwakubuhlungu kodwa futhi kukhona ukujabula ngesikhathi esifanayo wonke umuntu wayesho izinto ezinhle ngaye. Umfundisi wathi bese kuyisikhathi sikagogo ukuthi ahambe futhi akasabuzwa ubuhlungu manje.'

'Nosipho, ngebhadi babebanengi abantu ababefuna ukuza emngcwabeni. Kwaba kuhle ukuthi ubaba nomalume bavumelane ngokuhlaba izimbuzi ezimbili zomngcwabo lezi eziwusiko esikhundleni sokuhlaba inkomo.'

'Siphiso lemithetho yekhovithi isizile kakhulu ukuthi singachithi imali eningi esingenayo, sisadonsa kanzima njengoba ubaba engakaze akhokhelwe izimali zakhe zokudilizwa kwakhe emsebenzini. Ukwenza umngcwabo kulezinsuku sekuyabiza, cabanga nje bekulindlele ukuba sithenge ukudla, sigaye utshwala, sibanikeze amabhiya futhi sihlabe nenkomo. Lokhu bekuzodinga umndeni wethu udayise inqwaba yemfuyo ukuze uthole lemali.'

Abalingisi: **Siphiso**, **Nosipho**

'Hello, everyone. Siphiso and I are back at school after Grandma's funeral. It was sad and happy at the same time. Everyone said nice things about her. The priest said that it was Grandma's time to die and that she was not suffering any more.'

'Nosipho, unfortunately there were a lot of people who wanted to come to the funeral. It was good that Dad and Uncle agreed to slaughter just the two goats for the funeral tradition instead of the cow as well.'

'Siphiso, those COVID regulations assisted us to not have to spend money that we don't have. We are still struggling since father has not been paid the money he deserves for his retrenchment package. Hosting a funeral these days is so expensive. Imagine we were expected to buy groceries, brew alcohol, provide beer and slaughter a cow. This would have required our family to sell a lot of their livestock to get that money.'





'Kunjalo dadewethu kodwa kuye kwabangcono ngoba asizithenganga izitshalo ebezizophekwa. Sivune amaphuzi amaningi engadini. Besinanombila omningi obubekiwe senza isitambu kanye nobhontshisi. Nosipho, awucabangi ukuthi kwabakuhle kakhulu ukuthi sisebenze ngokuzikhandla sihlakula futhi sithelela netshalo.'

'Yebo Sipho, ubaba ukhathazekile. Ubecabanga ukuthi izitshalo zizokwanela kuze kudlule isikhathi sasebusika futhi kubekhona ezisalayo ukuthi zidayiswe. Manje sezicishe zaphela. Angeke sikwazi ukudayisa lutho. U-Anti uyakhononda ukuthi manje njengoba ingasekho impesheni kagogo sekungenzeka silambe.'

'Angeke size silambe, Nosipho. Umama noBaba bathi uanti nomalume kufanele benze okwengeziwe ukusekela umndeni. Umama usephoqe uanti ukuthi ayoba ingxenye yeqoqo lenkukhu. Ekuqaleni ubekhononda ethi yena umatasa kakhulu. Umama wamtshela ukuthi kufanele ayothamela umhlangano kanye ngenyanga futhi anakekele inkukhu uma ngiye esikoleni. Uqhubekile wakhononda kodwa uzwe elokuthi sithola ukudla emhlanganweni omkhulu. Uvumile ukuhamba nami. Ngiyazibuza ukuthi umalume yena ikuphi akazosiza ngakho?'

'Well sister, at least we didn't have to buy vegetables to cook. We harvested plenty of pumpkin from the field. We also had mealies in the grain store and we made samp and beans. Nosipho, don't you think it is good that we worked so hard weeding and watering the vegetables?'

'Yes Sipho, but Dad is worried. He thought the vegetables would last all winter and there would be some left to sell. Now they are nearly gone. We won't be able to sell any. Aunt is complaining that now we don't have Grandma's pension we might starve.'

'We will not starve, Nosipho. Mom and Dad say Aunt and Uncle must do more to help support the family. Mom has persuaded Aunt to join the chicken farmers' group. At first, she complained that she was too busy. Then Mom told her that she only needs to attend the farmers' meetings once a month and keep an eye on the chickens when I am at school. She still complained but then she heard that we get food at the big meetings. So she has agreed to take me. I wonder what Uncle will do to help?'

'Into engeke yenzeke Sipho! Umalume umatasa uziphuzela umqombothi. Uthi lokhu ukwenzela ukuhlonipha ugogo. Ilokhu ehleli phekwetshe emva kwendlu yotshani usuku lonke. Ngizwile ubaba embiza ethi akeze futhi ezomlekelela ngenkomo exhugayo. Uthe uyindodana endala futhi ubaba ngeke amtshele ukuthi enzeni. Ubaba uthe kufanele eze futhi ezolekelela. Usuyaphi manje?'

'Bengizoyodlala ibhola kodwa sisazilele ukushona kukagogo ngakho kuzofanele ngihambe ngiyolungisa uphahla lwendlu yangasese.'

'Kulungile kodwa uqaphele Sipho, ungasikwa uthayela sinezinkinga eziningi okufuneka sikhathazeke ngazo okwamanje. Ubheke ucingo nezipikili ngesikhathi usebenza uma kungenjalo kungadinga uye esibhedlela.'

'Definitely not, Sipho! Uncle is still very busy drinking traditional beer. He says it is out of respect for Grandma. He has been sitting on a rock behind her hut all day. I heard Dad ask him to come and help with the cow that was limping. He said he was the eldest son and Dad cannot tell him what to do. Dad said you must come and help. Where are you going now?'

'I was going to play soccer but we are still mourning Grandma's death so I will have to go and fix the roof of the toilet.'

'OK, but just be careful, Sipho. Don't get cut by the iron sheet. We have enough things to worry about right now. Also watch out for wire and nails while you are working or you might need to go to hospital.'



Ingxoxo

1. Kungani kubalulekile ukuzitshalela ingadi yakho yamavegi?
2. Kungani kubalulekile ukuthamela imihlangano yabafuyi?
3. Ikuphi ongakusho kuSipho noNosipho uma ukubaduduza?





**Imvelo
ephilile**

16



**Healthy
environment**

Abalingisi: Nosipho


'Sanibonani! UNosipho lona. Nginesiqiniseko sokuthi niyazibuza ukuthi kungani ngingedwa namhlanje. Umama kuye kwafanele ukuthi athathe uSipho amhambise esibhedlela ekuseni emva kokuthi ehlatshwe isipikili izolo ntambama. Niyakhumbula ukuthi izolo ubelungisa uphahla lwendlu yangasese, kanti ngimtshelile ukuthi kufanele aqaphele njengoba kade esebenza ngocingo nepikili? Akazange angilalele, emveni kokuba eseqede ukubopha uphahla, ugxumele eceleni kwendlu yangasese futhi wehlela esipikilini. Ubesezinhlungwini ezinkulu ekhala ngesikhathi exhuga eya kumama. Angikuthandanga ukubona umfowethu enenyembezi yize ngimtshelile ukuthi kufanele aqaphele ipikili njengoba kade esebenza uphahla lwendlu yangasese.'

'Abantu nezilwane uma behlala endaweni engenayo impilo bengathola izifo. U-Anti ubethi izibi ezinjengamaphepha, oplastiki, amaphampasi, amabhodlela afile, ucingo kanye nepikili kungaba ingozi kakhulu uma kungalahlwa ngendlela efanele. Bangani, benazi ukuthi izilwane zidla oplastiki nocingo ngesikhathi zisedlelweni ngoba zingakwazi ukuthola imisoco eyanele abafuyi kufanele basekele izilwane ngetswayi lomsoco ukuvikela ukuthi zingadli amaplastiki.'

Abalingisi: Nosipho

'Hi! It's Nosipho here. I'm sure you wonder why I am alone today. My mother had to take Sipho to hospital this morning after he stepped on a nail yesterday evening. Remember he was trying to fix the roof of the toilet, and I told him to be careful since he was using wires and nails? He did not listen to me, after he was done tying the roof down, he jumped off the side of the toilet and landed on a nail. He was in so much pain and crying when he limped over to Mom. I hated seeing my brother in tears even though I told him to be careful of the nails when he was working on the toilet roof.'

'People and animals living in unhealthy environment may contract diseases. Aunty was saying litter such as papers, plastics, diapers, broken bottles, wires, and nails can be very harmful if they are not thrown away in a proper way. Friends, did you know that animals eat plastic and wire while they are grazing because they have don't have enough nutrients. Farmers should supplement animals with protein lick to prevent them from eating plastic.'





'Umalume usitshela ukuthi asikho isidingo sokuthi sethuke okanye simhambise esibhedlela, uthe isipirithi singaba ikhambi elingcono. Umama umtshelile ukuthi ukulusa obekusesipikilini kungabanga isifo sokuqina kwemisipha futhi akazimisele ukubeka impilo kaSipho ebungozini. Lobubuthe bungaba imbangela embi yokungakwazi ukuphefumula, ukuqina kwemisipha futhi okungagcina sekukubi kakhulu.'

'U-Anti ubephatheke kabi, futhi watshela uXolani ukuthi akashanele igceke ngokushesha. UXolani ubecasukile kakhulu, kodwa uanti wamenza waqonda. Uanti uthe kubalulekile ukugcina indawo ohlala kuyona iphephile futhi ihlanzekile kukho kokubili abantu nemfuyo.'

'Our uncle told us that there was no need to panic or go to hospital, methylated spirits would be the best remedy. My mother told him that the rust that was in the nail could cause tetanus and she was not prepared to take that risk about Sipho. This infection can cause serious breathing problems, severe muscle spasms and it can ultimately be fatal.'

'Aunty was very worried and she instructed Xolani to sweep the yard immediately. Xolani was very angry, but Aunty made him understand. Aunty was saying it is important to keep our environment safe and clean for both humans and animals.'

'Lokho kwenza izilwane zizace futhi zingagcina ngokufa. USipho uyisibonelo sokuthi imvelo engcolile ingakhanda umonakalo kubantu cabanga ukuthi bekungenzakalani ukuba umama akamthathanga ukuyomjova.'

'Ngihleze ngidla amasnaks bese ngilahla phansi egumbini lokufundela. Angikaze ngacabanga ukuthi kubaluleke kangakanani ukugwema ukungcola. Bengihleze ngicabanga ukuthi njengoba sihlezi sishayela ukuphuma kwesikole, ngingalahla udoti noma ilaphi. Ngiyathembisa ukuthi ngizoshintsha, angisoyophinde ngibambe iqhaza ekukhandeni udoti.'

'Kulungile, salani kahle bangani. Angisakwazi ukulinda ukuthi ngibuyele ekhaya ngiyobona umfowethu. Ngiyethemba ukuthi usengcono. Angeke ngize ngimcele nokuthi ayokha amanzi namhlanje.'

'This makes animals lose weight and end up dying. Sipho is the example of what a dirty environment can cause to a human. Imagine what could have happen to her if mother didn't take her for that injection.'

'I always eat snacks and throw down papers even in the classroom. I never thought it was important to avoid litter. I used to think we were always sweeping after school. I can throw rubbish anywhere. I promise to change, I will never contribute to unnecessary litter ever again.'

'OK, bye friends. I can't wait to go home to see my brother. I hope he is feeling better. I won't ask him for help to fetch water today.'



Ingxoxo

1. Kungani kubalulekile ukugcina imvelo iphilile?
2. Kungani kungafamele izilwane zakho zidle amapulastiki?
3. Kungani kufanele uye emtholampilo uma usikwe insimbi elusile?





17



Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Sanibonani bangani, uSipho noNosipho sesibuyile futhi. Uyakhumbula ngalesiya sikhathi silungiselela ubusika? Siyaxolisa asizange sisanixoxela ukuthi kwahamba kanjani. Namhlanje sizobe sinixoxela ukuthi kwahamba kanjani.'

'Angikholwa ukuthi siciashe sakholwa ukuxoxela abangani bethu Nosipho! Bekunensikazi ezimithi eziwu 42 ebusika. Ubaba wathatha isinqumo sokuthi aziphakele njengoba kade komile futhi ubekhathazekile ukuthi zingaphunza uma engazengezeli ngokudla okunomsoco. Bekunomsebenzi omningi kodwa kuye kwakhombisa umphumela omuhle.'

'Yebo Sipho, ukuphakela izimbuzi eziwu 42 bekunzima ngoba bekufuneka sizehlukanise emhlambini omunye. Akudingi sihlale sikhononda sonke isikhathi njalo, uthi ubuwazi ukuthi izimbuzi zimitha inyanga enhlanu kodwa thina sidinga ukuziphakela ngenyanga yokugcina zimithi kanye nenyanga ezimbili emveni kokuba izele.'

'Nosipho uqinisile kodwa akulishintshi iqiniso lokuthi bekungewona umsebenzi olula. Ngiyajabula kakhulu ukuthi aphile wonke amazinyane futhi azikho nephunzile.'

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Hi, friends. It's Nosipho and Sipho back again. Do you remember that time that we were helping our family prepare for winter? Sorry we didn't return to let you know how it went. Today we are going to be sharing how it went.'

'I can't believe we nearly forgot to tell our friends, Nosipho! There were 42 pregnant ewes in winter. Father decided to feed them since it was so dry, and he was worried that they would abort if they were not supplemented. It was a lot of work but it turned out to be very effective.'

'Yes, Sipho, feeding 42 goats was very hard because we had to separate them from the rest of the herd. We don't always need to complain though. Did you know that a goat is pregnant for 5 months but we only need to feed them in their last month of their pregnancy and for two months after giving birth?'

'Nosipho, you are right but it does not change the fact that it was not an easy task. But I am very grateful that all of the kids survived and there were no abortions.'





'Sipho sinamazinyane amaningi kakhulu, lokhu bekungokokuqala sibe namazinyane amaningi aze afike ku52! Ubaba ubejabule kakhulu, uze wathembisa ukuthi uzodayisa ezinye izimbuzi endalini elandelayo. Sipho uthi bewazi ukuthi sithole amazinyane ezinsikazi awu 28 kanye nezinduna eziwu 24 ese wonke abenemibala emihle. Ubaba uwathene wonke awenduna washiya elilodwa eliyisiqandane akazokhanda ngalo uhlobo ngelinye ilanga.'

'Namanje angiqondi ukuthi yini indaba kade sisebenzisa izinhlobonhlobo zokudla njengentwethe, inhlanga zombila, amakhasi kabhontshisi, amakhasi kabhatata kanye netshe lomsoco.'

'Sipho yini indaba uhleze ungalaleli umangabe sisemhlanganweni yoqeqesho? UBusisiwe wasitshela ukuthi izilwane zidinga imsoco eyanele njengathi thina bantu futhi kuhleze kunzima ukuthi zithole imisoco eyanele ngokwazo ngesikhathi sasebusika. Lokhu kusho ukuthi zidinga izakhamzimba kanye nevikelimzimba ezanele ngesikhathi sasebusika ukulekelela izinsikazi ukuthi zikhulise umbungu.'

'Sipho, we had a lot of kids. This was the first time we had as many as 52! Father was so happy. He even promised to sell some of the goats at the next auction. Sipho, did you know that we had 28 female and 24 male kids and they all have nice colours. Father castrated all the males except for the spotted goat that can breed later someday.'

'I still don't understand why we were using all of those different types of feed like acacia pods, maize stover, bean hay, sweet potato leaves and protein licks.'

'Sipho, why don't you ever listen when we go to the trainings? Busisiwe told us that animals need a balanced diet like us humans and it is always difficult for animals to get balanced diet on their own during winter. So this means that they need a lot of proteins, minerals and vitamins during winter to assist the goat mothers to grow their foetus.'

'Manje sengiyaqonda ukuthi kungani wonke amazinyane ethu ephilile, yize abafuyi abangomakhelwane bethu bekhononda ngobuningi banamazinyane abo afile. Manje ngiyakhumbula ukuthi uBusisiwe esitshela ngokubaluleka kokuchitha indleko ukunakekela insikazi ezimithi. Yize umsebenzi wawunzima kodwa ukugaya izinhlanga kwakumnandi, ngangithanda ukufaka amahlamvu futhi ngiwabone egayeka, ngifisa engabe ubaba wathenga umshini wakhe wokugaya ukuze sihleze sikwenza njalo.'

'Ngiyjabula wakuthanda Sipho. Nginesiqiniseko sokuthi ubaba uzokwazi ukudayisa ngaphezulu kwezimbuzi eziwu 20 ngesikhathi sikaDisemba okuzoba ngaphezulu kwabobonke omakhelwane bethu ngoba abazange bazinakekele izinsikazi ezimithi ngesikhathi zidinga ukunakekelwa.'

'Angisakwazi ukulinda ukuqeda izivivinyo ukuze ngihambe nobaba ukuyendalini ukuyobona ukusebenza kwethu kanzima kusinika umvuzo.'

'Oh, I understand why all of our kids survived now, even when all of the farmers around us were complaining about how many of their kids were dying. Now I remember Busisiwe telling us how important it is to invest in your pregnant females. Well as hard as the work was, processing the stover was fun for me. I love putting the leaves in the hammermill and watching them get crushed up. I wish father would buy his own hammermill so that I could do this more often.'

'I'm glad you enjoyed that, Sipho. I'm sure father will be able to sell more than twenty goats during December which is much more than any of our neighbours because they did not look after their pregnant mothers when they needed it.'

'I can't wait to finish my exams so that I can go with Dad to that auction to see all of our hard work rewarding us.'



Ingxoxo

1. Kungani izinsikazi ziphunza?
2. Uma ungalinganisela mangaki amazinyane azalwayo ekhaya futhi mangaki akhula aze abemadala?
3. Ikuphi ongakwenza ukuze onke amazinyane akho akhule?



Making every kid count!



**Ikusasa
kwezolimo**

18



**A future
in farming**

Abalingisi: Siphso, Nosipho

'Sanibonani nonke, besixoxa ngamathuba ahlukeni kwezolimo kakhulukazi ekukhiqizeni imfuyo sinonompilo wethu wemfuyo uBusisiwe ediphini lembuzi nakho konke akakufunda eMdukatshani.'

'Nosipho konke akade ekhuluma ngakho kumayelana nawe nezinto ofuna ukuzenza ngesikhathi esizayo. Ukwazile nokungiguqula nami ukuthi ngizame kanye nokukhiqiza kwemfuyo ngoba ibhola akusiyona into engingakwazi ukuqhubeka ngiyenze sengithathe umhlalaphansi nazo zonke izindondo zami.'

Abalingisi: Siphso, Nosipho

'Hello, everyone. We were talking about different opportunities in agriculture, especially animal production, with Busisiwe our CAHW yesterday, at the goat diptank and everything that she learnt at Mdukatshani.'

'Nosipho, all that she was talking about has to do with you and what you want to do in the future. She managed to convince me to try animal production as well because soccer is not something that I will be able to do after I retire with all my trophies.'





'Sipho, bengazi kuphela izinto embili engingazenza kwezolimo, bekuwukuba umfuyi okanye udokotela wezilwane. Sipho, izolo ngifundile ukuthi maningi amathuba amabhizinisi kulomkhakha njengokuvula isitolo sakho sezinto zolimo, udayisele abafuyi imithi, utshale ukudla kwemfuyo ukugaye, ukuthenga nokudayisa izimbuzi ngemali ephezulu okanye ungaba unompilo wempahla owelapha izilwane zabafuyi ubakhokhise ngokubajovela.'

'Nosipho ngingamane ngiqale ngokufunda ngithole umsebenzi kuhulumeni okuba umpopoli wemfuyo, uchwepheshe wezemfuyo, umeluleki wezemfuyo, udokotela wemfuyo okanye umcwaningi wenyama. Angiboni ukuthi ukuvula ibhizinisi kungaba indlela ethembekile yokwenza inzuzo.'

'Sipho, I only knew two things that can be done in agriculture. It was farming and becoming a veterinarian. Yesterday, I learnt that there are many business opportunities like opening your own agrivet shop, selling medicines to farmers, planting animal feed and processing it, buying and selling goats at a higher price or you could become a community animal health worker that treats farmers' animals and charges them for it.'

'I would rather study first and get a government job to become an animal health technician, animal scientist, animal production technician, veterinarian or an extension officer. I don't think opening your own business would be a reliable source of income.'

'Sipho ila owenza khona iphutha, ngazi abafuyi abaningi abaphethe amabhizinisi abo ezolimo. Uyayazi lendawo ekwaNobamba ubaba akajwayele ukuthenga khona imithi? Leyondawo iphethwe owesifazane oyintsha webala elimnyama ongosomabhizinisi. Bheka noBusisiwe, akagcini ngokwelaphela abafuyi izilwane egulayo, kodwa udayisa imithi kanye namatshe omsoco ukuzenzela imali eyengeziwe. Manje useyakwazi ukusekela umndeni wakhe futhi uphinde wazithengela izimbuzi nezinkukhu ukuqala ukuba umfuyi.'

'Nosipho ngizohamba ngiye koxoxa noBusisiwe ngizwe ukuthi ngeke mhlambe abe nombono okuthi yini engingayenza.'


'Sipho, that's where you're wrong. I know a lot of farmers that run their own farming businesses. You know that place in Weenen where Father gets his medicines? That place is run by a young black businesswoman. Even look at Busisiwe. She is not only treating farmers' sick animals, but also selling medicines and protein blocks for extra money. Now she can support her family and she has even bought herself some goats and chickens to start farming.'

'I will go talk to Busisiwe to see if she might have an idea on what I could do.'



Ingxoxo


1. Imuphi umsebenzi ofisa ukuwusebenza uma usumdala?
2. Imaphi amathuba akhona kwezolimo angabalulwangwa lapha ebhukwini?
3. Kusho ukuthini uka usomabhizinisi, ucabanga ukuthi ungaba uyena ngelinye ilanga?





Ukuhweba kwemfuyo

19



Commercialization

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Namhlanje sijabule kakhulu, emva konyaka omude wobunzima nosizi sibona imiphumela emihle ngomsebenzi onzima nangokuyinikela esikwenzile. Niyakhumbula ubaba wethu walahlekelwa umsebenzi ngonyaka odlule kodwa wathi uzoba usomabhizinisi ophumelele ngokufuya izimbuzi. Ilokhu esifuna ukunoxela kona namhlanje, ukuthi kubaluleke kangakanani ukulandela inhliziyu yakho futhi uzinikele ngakho konke okuthandayo, ubaba wethu uyisibonele esihle salokhu.'

'Nosipho, uyakhumbula ukuthi sasikhathazeke kanjani ngesikhathi ubaba elahlekelwe umsebenzi nangesikhathi esixoxela ngeqhinga lakhe, wonke umuntu wayemungabaza kakhulukazi umalume kodwa manje sesiyamncoma sonke futhi siyajabula ukuthi usikhombisile ukuthi besinephutha.'

'Nosipho ziningi izinto okufuna sijabule ngazo ngalesisikhathi. Manje sesabafuyi abasha, senze umsebenzi omuhle ngalendlela yokuthi ubaba uze wasinikeza izinsikazi ezimbili umuntu ngamunye.'

'Uqinisile dadewethu, ubaba wethu ujabule kakhulu ukuthi njalo sihleze simsekela nokuthi senze kahle esikoleni. Kodwa sekwenene ngathi Nosipho, ake sixoxele wonke umuntu ukuthi zingaki izimbuzi ubaba akazidayisile.'

Abalingisi: **Sipho**, **Nosipho**

'Today, we are very happy. After a long year of hardships and sorrows we saw some positive results for our hard work and commitment. Remember our father lost his job last year and said that he was going to become a successful commercial goat farmer? This is what we want to share with you today. How important it is to follow your heart and give your all into what you love. Our father is a great example of this.'

'Nosipho, do you remember how worried we were when our father lost his job and told us about his plan? Everyone doubted him especially Uncle but now we are all praising him and so happy that he proved us all wrong.'

'Nosipho, there are so many things to be happy about right now. We have now become new farmers. We did such a good job that our father gave us two female goats each.'

'You're right sister our father is very happy that we are always supporting him and that we did well at school. But enough about us, Nosipho, lets tell everyone about how many goats Father sold.'





'Yebo mfowethu, bengingaqondi ukuthi kumnandi kangaka ukubona ummemezi wendali exoxisana ngentengo yembuzi phakathi kwabathengi nabadayisi. Ubaba udayise imitheno ewu 23 kanye nezalukazi zensikazi eziwu 7, ube umfuyi ovelele, waphinde wathola nomklomelo womdayisi ophume phambili.'

'Nosipho, ubaba ubuye ejabule kakhulu ngoba isipho akaklonyeliswe ngaso isikhwama esisha semithin esigcwaliswe ngayo yonke inhlobo yemithi yemfuyo esemqoka.'

'Sipho ubuwazi ukuthi ubaba ngesikhathi edayisa bengibhala phansi yonke iminingwane yamanani embuzi ebezidayiswa ngawo futhi isiyonke imali ubaba akayenzile ibe uR39000.00! UXolani naye wenze imali eningi endalini ngokudayisa izikhwama zokhiye kanye nekhwama zemali futhi abantu bafake ama-oda amaningi.'

'Hhewu dadewethu! Imali eningi kangaka, Cabanga nje ukuthi bengingathenga amakhokho amaningi kangakanani ngalokho!'

'Yes, brother. I didn't understand how it was so interesting to look at the auctioneer negotiating the prices amongst the buyers and sellers. Father sold 23 castrates and 7 adult ewes. He was the most successful farmer there. He even got a prize for being the best seller.'

'Nosipho, Father came back very happy because his prize was a new vet kit filled all sorts of basic veterinary medicines.'

'Sipho, did you know that when Dad was selling, I was taking note of how much each of the goats were sold for and the total amount that dad made was R39000?! Xolani also made a lot of money at the auction from those leather keyholders and wallets. People also placed a lot of orders in too.'

'Wow, sister, that is so much money. Think about how many soccer boots I could buy with that!'

'Sipho, ikhona kodwa enye into oke uyicabange ngaphandle nje kwebhola? Ubaba uthe uzochitha izindleko zalemali ngokuthenga ukudla kwasebusika kwezinsikazi ezimithi futhi ufuna nokunweba isibaya ukwenzela lezinsikazi ezengekile. Ubaba ufuna ukudayisa isibalo esiphindwe kabili ngonyaka ozayo.'

'Uqinisile Nosipho. Ubaba kufanele achithe izindleko eziningi umangabe efuna ukuzuza okuningi. Ubaba ubethi ufuna ukudayisa izimbuzi eziwu 30 ngamaholidi kaGood aphinde adayise 30 ngoKhisimu. Njengoba ufuna ukuba umfuyi wembuzi kufanele uyeke ukuchitha noma ukumosha imali ngokuthenga amasnaks nezitikiswidi.'

'Sipho kungokokuqala usho into enomqondo. Ngizosebenzisa imali yami yokudla esikoleni ukuthenga amatshe omsoco embuzi zami ezimbili, nawe kufanele wenze njalo Sipho.'

'Ngeke ngenze njalo mina Nosipho kodwa ngizosebenzisa imali yami yokudla esikoleni ukuqala ukuthenga izithako ezidingekayo ukukhanda itshe lomsoco.'

'Icebo elihle kakhulu lelo Sipho, kuchaza ukuthi kungenzeka wenze imali eningi ukunami ngamatshe omsoco ukunami ngembuzi.'

'Sihlela ukulekelela umndeni wethu ukuze sabelane nani ngolwazi umangabe sesibuya emaholidini.'

'Sipho, is there anything else in your head besides soccer? Father said that he would invest some of this money with winter feed for the pregnant ewes and he also wants to extend the kraal for all those additional females. Father wants to sell double the amount from this auction next year.'

'You're right, Nosipho. Father needs to invest more if he wants to gain more. Father was saying that he wanted to sell thirty goats during the Easter holidays and 30 during Christmas. Since you want to become a goat farmer you need to stop spending money on snacks and lollipops.'

'Sipho, this is the first time that you are saying something that makes sense. I will use my pocket money to buy some protein blocks for my two goats. You should probably do the same Sipho.'

'I won't do that, Nosipho. But I will use my pocket money to start buying the ingredients needed to make goat protein blocks.'

'That is a great idea, Sipho. It will mean that you might make more money than me with your bricks than me with my goats.'


'We are planning to help our family so that we can share knowledge with you when we come back from holidays.'



Ingxoxo

1. Kungani ubaba edayisa imitheno kakhulu kunensikazi?
2. Yini izinto ezimqoka esikhwameni semithin yokwelapha imfuyo?
3. Iziphi izindlela ezehlukile zokudayisa ongazisebenzisa ukuthengisa ngezimbuzi zakho futhi zisebenza kanjani lezohlobo?





**Goat
Agribusiness
Project**

Izimbuzi Zethu,
Ikusasa Lethu